

Ukuhlabelela Izilwane

**Ugwalo lwabaqhubi bohlelo olokuncedisa ukumelana
lokwesaba lodlame empilweni zethu**



**Lulotshwe nguJonathan Brakarsh
lo Lucy Steinitz**

CRS
CATHOLIC RELIEF SERVICES



Ukuhlabelela Izilwane: Ugwalo lwabaqhubi bohlelo olokuncedisa ukumelana lokwesaba lodlame empilweni zethu lumumethe imisebenzi lemidlalo yabontanga labasakhulayo asebeyehlelwe noma asebebone udlame ezimulini, ezikolweni, noma ezigabeni lapho abahlala khona. Lumhlangano wokufundisana uncedisa ontanga labasakhulayo ukuthi bethuthukise ukwenelisa lokuqina kwabo ukuze benelise ukumelana lokwesaba lodlame ezimpilweni zabo.

Imifanekiso esegwalibeni idwetshwe ngu Marika Matengu

Ugwalo lolu luhumutshelwe elimini lwesindebele ngu Lightwell Mpofu weCRS

Ukuhlelwa kogwalo lesakhiwo salo kwenziwe ngu Solveig Bang
Imifanekiso idwetshwe ngu Marika Matengu

I-Catholic Relief Services ithanda ukubonga lokuthakazelela imifanekiso etholakala kusukela kukhasi lokuqala (1) kusiya fika kukhasi lesitshiyagalombili (8) eyadwetshwa ngu Marika Matengu eyaqala ukubonakala egwalweni olubizwa kuthiwa - Family Health International (2009) *The way we care: A guide for managers of programs serving vulnerable children and youth* olwalotshwa ngu Lucy Y. Steinitz. Imifanekiso yezilwane etholakala kukhasi 31 lo 41 idwetshwe ngu Tichaona Mudhobhi

ISBN-10: 1-61492-163-6

ISBN-13: 978-1-61492-163-9



I-Catholic Relief Services iyinhlanganiselo esemthethweni yokusiza abantu emhlabeni wonke yomphakathi wamaKatholika wase-United States. Usizo lwe-CRS kanye lomsebenzi wokuthuthukisa izizwe ufezwa ngezinhlelo zokubhekana nezimo eziphuthumayo, i-HIV, ezempilakahlle, ezokulima, imfundo, i-microfinance kanye lokwakha ukuthula. I-CRS inciphisa ukuhlupheka futhi inikeze usizo kubantu abadinga usizo emazweni angaphezu kwekhulu elilodwa, kungakhathalekile imihlobo yabantu, inkolo noma ubuzwe.

Catholic Relief Services
228 West Lexington Street
Baltimore, MD 21201-3443 USA
1.888.277.7575
www.crs.org

© 2017 Jonathan Brakarsh kanye leCatholic Relief Services. Lokhu okubalulekileyo kungalotshwa kakutsha ngokukhululeka ngezinjongo ezingayisizo ezokuthola inzuzo, udumo lunikezwa kokubili umlobi, udokotela Jonathan Brakarsh, kanye leCatholic Relief Services. Labo abafuna ukusebenzisa umsebenzi lo kufanele bathole imvumo ngaphambili ngokuthinta singingtothelions@crs.org.

Labo abafisa ukuloba mayelana lalomsebenzi bengasebenzisa i-citation elandelayo: Brakarsh, J. (2017) *Singing to the Lions: A facilitator's guide to overcoming fear and violence in our lives*.

Mayelana lomlobi

U-Dkt. Jonathan Brakarsh uyisazi sokusebenza kwenqondo zabantwana ohlala e-Zimbabwe. Ulokuzinikela okukhulu kokuthuthukisa usizo lwezempilakahle yengqondo ezisekelwe emphakathini, ezisiza ekuphenduleni izindingo zokwengqondo lezenhlalakahle zabantwana ababuthakathaka labasengozini. Lolu lugwalo lwakhe lwesithathu olumayelana lokwelatshwa kwabantwana. Uselobe ingwalo ezilandelayo: Say and Play: A tool for young children and those who care for them (2009, Project Concern International), lezingwalo ezithile zeJourney of Life, esezitolikelwe ezindimini ezinengi njalo zasetshenziswa emazweni adlula amatshumi amathathu (30) (2004, 2005, Regional Psychosocial Support Initiative).

UDkt. Lucy Y. Steinitz, ingcitshi kwezokuvikela abantwana e-Catholic Relief Services, ufake isandla kulolugwalo njalo wahola ukwenziwa kwalo.

Intakazelelo yomlobi

Njengokugcizelelwa kulolugwalo, *Ukuhlabelela Izilwane: Ugwalo lwabaqhubi bohlelo olokuncedisa ukumelana lokwesaba lodlame empilweni zethu*, "sonke sibambene". Akulalutho olungenziwa ngumuntu oyedwa. Kulalabo ababekhona singakabikhona, kuzokuba lalabo abasikhaphayo ohambweni lwethu. Lolugwalo lungumsebenzi wothando osekkelwe yinkalipho, ukusebenza nzima, ulwazi, kanye lomusa wabantu abanengi. Ngithanda ukubonga abantu abalandelayo ngosizo lwabo:

U-Lucy Y. Steinitz ngokudlala indima eqakathekileyo eyenza ukuthi lolugwalo luphile, usekelo lwakhe olwezinga eliphezulu, amandla akhe angapheliyo, ukuzinikela kwakhe, lengqondo ehlezi inakana amasu akhaliphileyo.

U-Robert Groelsema, okhokhela i-Africa Justice and Peace Working Group (CRS), ngokholo lwakhe kulumsebenzi lendleko zokufeza lumsebenzi.

U-Alice Moyo, u-Mary Gokova, uSekai Mudonhi lezisebenzi zeCatholic Relief Services eZimbabwe ngokugcina kahle izihambi, uncendo lokuhlela izinto, lokusinika indawo yokusebenzela ndawonye.

U-Kathy Bond Stewart, u-Jane Fisher, leAfrica Community Publishing and Development Trust (ACPDT) ngokuphathisa losekelo lwabo. Ugwalo esaluloba sonke, labantwana abangu-154 ngomnyaka ka 2013, *Singing to the Lions: Enhancing children's voices, participation and protection*, lwaletsa ukutshiseka kokuthi siqhubeke ngomsebenzi lowu obaluleke kangaka.

U-Katelyn Victor lo John Hembling, uLucy Y. Steinitz labanye ababe lusizo olukhulu ekuhloleni indlela zokuqaphela lokuhlola ezisebenziseka lula.

Abahloli abanikela isikhathi, amandla, lolwazi lwabo ekuhloleni lolu gwalo: u-Caroline Bishop, Nell Bolton, Robin Contino, Ana Ferraz De Campos, Jane Fisher, Leila Isanhart, John Murhula Katunga, Lisa Langhaug, Sr. Janice McLaughlin, Laura Miller-Graff, Alice Moyo, Sonia Pereira, Leslie Snider, Susan St Ville, Jean Baptiste Talla, Kathy Bond Stewart, Katelyn Victor lo Lynn Walker.

Ubungcitshi lokwenelisa kwabaqhubi bohlelo eZimbabwe leSierra Leone okwenza *Ukuhlabelela Izilwane* kwaphila saqala ukuzwa ontanga labasakhulayo behlabela: u-Lucia Manyuchi (ACPDT), Jane Mashonanyika (TOL), Eugenia Mpande (TOL), Lightwell Mpofu (ACPDT) lo Musa Kallon.

Abantwana lamatitshala bezikolo ezilandelayo lapho *Ukuhlabelela Izilwane* okwaqala khona: Izikolo zaseChidoma leNemangwe eGokwe le St Peter's School eMbare kwele Zimbabwe; imuli ye CRS Reintegration Project, i-Caritas Bo e Sierra Leone; leNyaka Vocational Secondary School eKambuga sub-county kwelase Uganda.

Labo ababelana lathi ulwazi lwabo: uGretchen Bachman, Sr Elizabeth Boroma, Donal Creedon, Nicole Hartley, Jim Mascolo, Cornelius Matamba lo Chindima, Rob Nairn, Meera Patel, Trish Swift, Dominique Tavernier, Ruth Verhey lo John Williamson.

U-Barbara Kaim, yena owachitha isikhathi esinengi kakhulu engisiza ukuhlela imicabango lamasu ami.

Ngithanda ukwethula ukubonga umhleli walolugwalo uSolveig Bang, loKaitlyn Mortimer weCRS, lokubonga okukhulu kumadweba uMarika Matengu

OKUMUMETHWEYO

ISIGABA 1: ISAMBULO	1
ISIGABA 2: UKUSEBENZISA UKUHLABELELA IZILWANE	5
ISIGABA 3: IMISEBENZI LEMIDLALO YOMHLANGANO WOKUFUNDISANA	11
Uhlelo 1: Ukwamukela ekuhlabeleleni izilwane	11
Umsebenzi 1: Ukwazana.....	11
Uhlelo 2: Ukubazazi ukuthi singobani	15
Umsebenzi 2: Isihlahla sempilo	15
Umsebenzi 3: Ukuphinda 1 – Ukuhlabelela Izilwane	19
Uhlelo 3: Ukuzwisisa ukwesaba lodlame	20
Umsebenzi 4: Ukuzwisisa Udlame	20
Umsebenzi 5: Indlela ezimahluko zokumelana lodlame	22
Umsebenzi 6: Ukuzwisisa ukwesaba	23
Uhlelo 4: Ukuziqinisa.....	24
Umsebenzi 7: Tshintsha umsakazo nje	24
Umsebenzi 8: Indawo ephephileyo phakathi kwethu	29
Umsebenzi 9: Izikweya ezine	30
Umsebenzi 10: Intaba, Amanzi, Umoya, Umlilo	32
Umsebenzi 11: Akuso mlandu wami	35
Umsebenzi 12: Ukudedela izinkinga	38
Umsebenzi 13: Isihlahla samagugu	40
Umsebenzi 14: Ukuphinda 2 – Ukuhlabelela Izilwane	44
Uhlelo 5: Ukuxhumana labanye	45
Umsebenzi 15: Kulesilwane entabeni! Gijima, gijima, gijima!	45
Umsebenzi 16: Indawo eziphephileyo lendawo eziyingozi	47
Umsebenzi 17: Umdlalo wabancedisi	48
Umsebenzi 18: Ukuqila isilwane	49
Uhlelo 6: Ukuqhubekela phambili	52
Umsebenzi 19: Amanyathelo amancane okuqansa intaba	52
Umsebenzi 20: Ukuhloniphana	55
Umsebenzi 21: Imilayezo	58
Umsebenzi 22: Ukuhlola ukuzwisisa	59
Umsebenzi 23: Ukuhlabelela izilwane – Umcimbi	59

ISIGABA 4: IZICHASISELO60

Isichasiselo 1: Ukuphefumula lokuhlaliseka	60
Isichasiselo 2: Ngaphambili langemuva komhlangano wokufundisana	61
Isichasiselo 3: Esikufundileyo	63
Isichasiselo 4: Okokwenza nxa umntwana engakutshela ngokhlukumezeka kwakhe	64
Isichasiselo 5: Isibonelo sefomu yemvumo	65
Isichasiselo 6: Isibonelo serejesta yababekhona	66
Isichasiselo 7: Icebo lokuqaphela lokuhlola	67
Isichasiselo 8: Ifomu lokuhlola	72
Isichasiselo 9: Imifanekiso etshiyeneyo engasetshenziswa esikhundleni somfanekiso wesilwane	73
Isichasiselo 10: Isithupha sempumelelo	75

Qaphela i-**Supplement*** ukuze ujulise ulwazi lwakho, uthole ukuholwa mayelana lokufundiswa kwabaqhubi bohlelo kanye lolunye ulwazi mayelana lokuqaphela lokuhlola idatha.

OKUMUMETHWE YI-SUPPLEMENT

Isambulo	1
Okujulileyo mayelana lokuncedisa abantwana ukuthi bemelane lokwesaba lodlame	2
Ukwephula ukujikeleza kodlame	8
Ukufundisa abaqhubi bohlelo	10
Iseshini yokuqondisa	13
Ukungezelela ulwazi mayelana lokuqaphela lokuhlola	15

* <http://www.crs.org/our-work-overseas/research-publications/singing-lions>

Isigaba 1: Isambulo

Siyakwamukela ekuhlabeleleni izilwane - Ugwalo lwabaqhubi bohlelo olokuncedisa ukumelana lokwesaba lodlame empilweni zethu! Lolugwalo ngolwabantwana labontanga abaleminyaka eyisitshiyagalombili kusiya phezulu asebehlangeane njalo asebebone udlame ezimulini, ezikolweni, noma ezigabeni zabo. Lumsebenzi uzama ukuncedisa ontanga labasakhulayo ukuthi bethuthukise ukwenelisa lokuqina kwabo ekumelaneni lokwesaba lodlame empilweni zabo.

Kungani lolugwalo lubalulekile

Kusukela ephenyweni lwabezemfundo lasezindabeni siyananzelela ukuthi udlame luyinto yomhlaba wonke njalo lwenzeka endaweni ezinengi – emazweni ethu, lapho esakhele khona, ngekhaya, kanye lasezikolweni zethu. Nxa loludlame lungalungiswanga, impumelo yalo iyingozi njalo iyalimaza ikakhulu abantwana iphinde iphazamise impilo zabo. Ubuhlungu lobu bucina buzwiwa yizizukulwane ezilandela ngemva.

Kusukela ephenyweni lwabezemfundo, kulobufakazi obukhulu mgomthelela wodlame empilweni yengqondo leenyama yabantwana. Phezu kwalolulwazi kulolwazi oluqondane lamazwe mayelana lokuhlukuluzwa kwabantwana okungatholakala enhlanganisweni ezifana leUNICEF le Center for Disease Control and Prevention.^{3 4}

Kulolugwalo, udlame lugoqela ukuhlukunyezwa enyameni lase moyeni, ukulinyazwa, ukuphathwa kalukhuni, lokubanjwa ngamandla ukungena emacansini – kumbe ukwethuselwa ngazo zonke lezi zinto. Imihlobo yodlame ecatsangelwe kulolugwalo itshiyene njalo igoqela (kodwa akucini lapho):

- Ukuhlukumezwa komtwana ngenxa yokukhubazeka noma umehluko wakhe
- Ukulwa kwabantu ngekhaya
- Ukuhlukunyezwa kanye lokutshontshwa lokuthengiswa kwabantwana
- Yonke imihlobo yokuhlukunyezwa lokubanjwa ngamandla kwezamacansi
- Ukukhitshwa elizweni kumbe endaweni umuntu ahlala khona ngenkani
- Ukuhlukunyezwa, ukubotshwa, kumbe ukubulawa kwamalunga emuli
- Impi lengxabano lapho okusetshenziswa khona izikhali.



.....
Nxa loludlame lungalungiswanga, impumelo yalo iyingozi njalo iyalimaza ikakhulu abantwana iphinde iphazamise impilo zabo
.....

1. National Child Traumatic Stress Network www.nctsn.org

2. Centers for Disease Control and Prevention, Adverse Childhood Events Study www.cdc.gov/violenceprevention/acestudy

3. Centers for Disease Control and Prevention, Violence Against Children Survey, www.cdc.gov/violenceprevention/vacs/

4. UNICEF, World Prevalence of Violence Against Children. www.unicef.org/media/media_75530.html

Nxa abantwana bemelane lesimo esilobungozi, isimo sokuhlukunyezwa kumbe udlame, kumbe ngemva kwengozi zemvelo ezingafana le-tsunami kumbe ugubhane lweEbola kumbe i-Covid, isimo semizwa yabo siyangena esimeni “sokulwa, sokubaleka, kumbe esokuma benganyikinyeki.” Imicabango yabo isuka ikhulelwe yimizwa yabo. Ukukhulelwa yimizwa lokhu kubangela ukungcindezeleka okungezelelweyo (i-stress), okungabhidliza umuntu ngemva kwesikhathi eside. Ukwahluleka ukumelana lezimo ezibethusayo, kwenza abantwana beninele abangane lezihlobo zabo khatshana ngenxa yenhloni lokungabi lamandla, okubangelwa yizehlakalo zakudala leziyabe zisenzakala ngalesosikhathi. Lokhu kulahlekelwa yikuzimela, lokwanda kokuba sengozini kwemizwa, kuyengeza izingozi lamathuba odlame lokuhloswa komntwana khathesi kumbe kwelizayo.^{5 6}

Kungakho saloba lolugwalo, lona oluyimpumela yeminyaka eminengi yomsebenzi. Ngomnyaka ka-2013, uDkt. Jonathan Brakarsh, isazi sokusebenza kwengqondo zabantwana, lonkosazana Jane Fisher, ingcitshi endabeni zokuhlukumezeka, basebenzisana leAfrica Community Publishing and Development Trust (ACPDT-Zimbabwe) ukuze bahlale izindlela udlame oluhlukumeza ngayo abantwana eZimbabwe. Ugwalo olwabhalwa kusentshenziswa lokhu kuhlolwa, uSinging to the Lions, Enhancing children’s voices, participation, and protection, lwalumahluko ngendlela olwahlanganisa imbono yabantwana lolwazi lwengcitshi lokwelatshwa kwengqondo, njalo lwapha abantwana izindima ezinkulu zokuba ngabaphenyi, abaqhubi bohlelo, abalobi njalo abadwebi. Lolugwalo olusekelwa yiCatholic Relief Services, lumemethekisa lumsebenzi ngokuletha uhlelo olulempumela ezibambekayo ekusizeni abantwana labadala ukuze benqobe ukwesaba lodlame lapho abahlala khona. Icebo lokubiza lolugwalo “Ukuhlabelela Izilwane” lwafika kuJonathan Brakarsh ephutsheni, lapho uJonathan abona abahlukumezayo bonke bentshintsha besiba yizilwane kodwa abantwana bathi beqalisa ukuhlabelela, izilwane zathobeka, zabobotheka, zabhonga ngenjabulo. Kulenganekwane yesiTonga⁷ emayelana lokuhlabelela izilwane eyakhuthaza i-ACPDT ukuthi isebenzise ibizo elifanayo egwalweni lwayo.



.....
**Lumhlangano wokufundisa
 olamamojula ayisithupha
 uyancedisa abantwana
 ukuthi benelise ukunciphisa
 impumela yodlame
 lokuhlukunyezwa empilweni
 zabo njalo uyabancedisa
 ukuthi baphole.**

Abantwana labasakhulayo bazafundani

Ukuhlabelela izilwane ngumhlangano wokufundisa olamamojula ayisithupha oncedisa abantwana ukuthi benelise ukunciphisa impumela yodlame lokuhlukunyezwa empilweni zabo njalo uyabancedisa ukuthi baphole. Lokhu kugogela ukufunda ukumelana lodlame lokuhlukumezeka abahlangana lakho insuku zonke, ukuqinisa ukuvikelwa komphakathi, lokuqala ukuxazulula ukuhlukumezeka lokungaphathwa kahle abangabe bedlule kikho. Lumhlangano wokufundisa uyapha abantwana amandla wokumelana lokuhlukumezeka abangahlangana lakho empilweni.

Inengi labantu elizaba yingxenye yalumhlangano wokufundisana ngabantu abahlukunyezwa kungaba yikufa kwabazali; impi; udlame ngekhaya; ukuhlukunyezwa ngokocansi, ngokwemizwa, lasenyameni; lokusetshenziswa kwabantwana abangakafiki ezingeni lokusebenza (child labor). Kubalulekile ukuthi abantwana labadala befunde indlela ezintsha zokumelana

5. Michel Silvestre PhD, personal communication, EMDR Training for Children Seminar, May 2016

6. Levine, Peter and Kline, Maggie (2008) *Trauma-proofing your kids*. Berkeley: North Atlantic Books

7. An ethnic group in Zimbabwe.

lokuhlukumezeka empilweni zabo. Abantwana baphila lapho ababona njalo babeyingxenye yodlame kumbe ukuhlukunyezwa besasebancane. Lokhu kuyabafundisa udlame. Ukuzazi kwabo lokwenelisa ukuzisiza kuyabhidlizeka njalo lokhu kungabangela ukudangala (depression).

Singanciphisa njani impumela yodlame empilweni zabantwana? Njengalokhu ukuhlukumezeka kuyingxenye yempilo zabantwana abanengi, amandla okuqina lawo akhona. Lawa ngamandla esilawo ukuthi siphakame sitshiye ukwesaba lokungabi lamandla. Sonke siyenelisa ukuthi siqine sikwazi ukumelana lendubo esihlangana lazo empilweni.

Ngalomhlangano wokufundisana sethemba sizafundisa abantwana ukuthi babe lokwenelisa ukwakha ukuqina kwabo lokuthola amasu okuguqula izimo ezibahluphayo kumbe, nxa isimo singaguquleki khonaphokhonapho, befunde indlela ezitshiyeneyo ezokumelana laso. Lumhlangano unceda abahlanganyeli ukuba bamelane lokwesaba lodlame ngendlela ebasebenzelayo. Kulempawu eziyisithupha zokwenelisa lolwazi ezihloswe yilumhlangano:

1. Ukuthi abantwana befunde indlela zokuzithoba, eziqoqela ukuphefumula, ukuzamazama, lokuzindla, ukuze bemelane lokukhulelwa yimizwa yabo okuvame ukwenzakala nxa besengozini, kucine kubenza ukuthi behluleke ukucabanga kuhle. Isiqokoqela yikuthi abantwana benelise ukwenza izinqumo ngokuphangisa njalo ngendlela elusizo kibo besenzisa ukucabanga hatshi ukwesaba.
2. Ukuze abantwana benelise ukuguqula imibono yabo isuka kulapho abazibona befanele ukuhlukunyezwa okubenza bezizwe bengelamandla, isiya lapho abathola ulwazi ngamathalenta abo lezinto abayenelisa ukuzenza.
3. Ukuthi abantwana bame ukuninela abantu khatshana ngenxa yokuzibandlulula (ukwengeza ukubambana ezigabeni lapho abahlala khona) ngokunanzelela ukuthi ababodwa kodwa bayingxenye yelunga elikhulu lemuli, abangane, lomphakathi.
4. Ukuze abantwana bazwisise impumela yokwesaba lodlame empilweni zabo, lokuthi bananzelele izinto ezingabasiza eziphakathi kwabo lezingaphandle (ulwazi lokuthi bahambe kubani nxa behlangana lohlupho)
5. Ukuze abantwana benanzelele indlela zokumelana lodlame lokwesana empilweni zabo (ukuqinisa ukuzisiza) ngokucubungula inhlupho abahlangana lazo lokuphuma lamacebo okwenza ukuze bemelane lenhlupho lezi
6. Ukuthi abantwana babelethemba lenhloso yekusasa labo



.....
Indlela zokuzithoba ziyasiza ukumelana lokukhulelwa yimizwa, okujwayele ukuphazamisa imicabango nxa wehlelwe ludubo.
.....

Ukuhlabelela Izilwane kuguqula njani impilo

Indingimba yendaba yoKuhlabelela Izilwane iyikuthi impilo zabantwana labasakhulayo asebakhe badlula ekuhlukunyezweni lokwesaba ingaguqulwa, ukwenzela ukuthi babelolwazi lesibindi sokumelana lokubahlukumezayo. Bazabe sebefunde ukusebenzisa indlela ezitshiyeneyo zokuzithoba. Abasoze beqhubeke besesaba ukuzwa ukwesaba, ngoba bazafunda ukuthi ukwesaba okulingeneyo kuhle ngoba kuyabanika amandla njalo kuyabenza begxile. Njalo nxa bezizwa bekhulelwa yikwesaba, bazabakwazi ukuthi ukuphefumula lezinye indlela kuzabanceda ukuthi bezwe ngcono. Bazananzelela amandla abalawo lokuthi bewasebenzise njani. Abasoze beqhubeke bezisola lalapho okungasomlandu wabo khona. Bazakwenelisa ukucubungula inhlupho ezibukeka zingaphezu kwamandla abo benelise ukuphuma lamanyathelo amancane abangawathatha. Bazabesebefunde ukuqakatheka kokuthintana labanye ukuze bengazizwa bebodwa. Impumela izaba yikuthi, ebantwaneni abanengi, ukwesaba akusoze kuqhubeke kubabusa.

Lumhlangano wokufundisana ngokabani

Ukuhlabelela Izilwane kwenzelwa abantwana labasakhulayo, abaleminyaka elitshumi lanye (11) kusiya phezulu, behlukaniswe ngamaqembu eminyaka afaneleyo. Abantwana abaleminyaka eyisitshiyagambili (8) kusiya kwelitshumi (10) bengaphatheka kulumhlangano uba bephiwe usekelo olungezelelweyo lokululazisa ulimi okubafaneleyo (khangela okubhalwe phansi). Inhlalo yalumhlangano iyilabo abehlalelwe kumbe abafakaze udlame lokuhlukumezeka empilweni zabo.

Ebantwaneni abaleminyaka engu8 kusiya ku10, umhlangano omfitshane njalo olula uyandise ukuba ngcono. Uqinisekise ukuthi umhlangano uyachaza njalo ulemidlalo eminengi lokuxoxisana okufitshane. Nxa umntwana engenelisi ukudweba, umekele azekelise ngomzimba wakhe, esebenzisa ubuso lokuhambahamba ukuthi etshengise amasu akhe. Khangela Ukusebenza Labantwana (**Khasi 6**) ukuze ufunde okujulileyo ngalokhu. Imisebenzi esebenza kuhle labantwana abancane (8-10) yile elandelayo: Umsebenzi 1, 6, 8 - 18, 20, 21, lo 23.

Noma ukuhlabelela izilwane kwalotshelwa abantwana labasakhulayo, lumhlangano wokufundisana ungasetshenziswa labadala ubasize ukumelana lovalo lezinto ezibenza besabe. Ekwenzeni lokhu bazasizakala ukuba ngabazali abangcono lokuba yisibonelo esihle ebantwaneni babo. Ukuze ubone ukuthi ungethula njani lumhlangano ebazalini ngamafitshane, khangela ku**Supplement, Khasi 13**. Ngezinye indlela, siyasiza abazali labantwana ngejekiseni ezabanceda ukumelana lodlame.

Abazali lalabo abanakekela abantwana badlala indima enkulu ekunanzeleleni impumela yodlame empilweni yabantwana – kusukela ekuhlukunyezweni yilabo abazenza iziqhwaga kusiya ekuhlukunyezweni kocansi lokunye ukuhlukunyezwa esingabe singakulobanga lapha. Abazali lalabo abanakekela abantwana bandise ukusiza abantwana ukuze bamelane lemizwa ebakhulelayo. Ngakhoke abazali labanakekela abantwana bayingxenywe yalowumsebenzi ngokuphatheka emihlanganweni eyenzakala phambili langemva komhlangano wokufundisana esithemba ukuthi kuzenza bethakazelele indima abangayidlala empilweni zabantwana.

Abakhokheli besigaba labezomoya labo balendima enkulu abayidlalayo njalo kumele bememwe emhlanganweni oyenzakala phambili komhlangano wokufundisana ukuze becetshiswe ngendaba yokuhlabelela izilwane. Kuzaphinda kube lomhlangano ngemva komhlangano wokufundisana lapho abakhokheli abazahlangana labantwana ukuze bethuthukise indlela zokumelana lodlame lokuhlukumezeka kwabantwana (khangela Isigaba sesibili). Abafowabo abadala, abanakekela abantwana, labakhathalela abantwana esigabeni abangabe behlelwe ludlame noma izehlakalo ezibuhlungu labo bengathola uncedo ngokuphatheka kwabo emhlanganweni wokufundisana lemisebenzi ephakathi komhlangano.



Abazali lalabo abanakekela abantwana bandise ukusiza abantwana ukuze bamelane lemizwa ebakhulelayo.

Isigaba 2: Ukusebenzisa Ukuhlabelela Izilwane

Ukubuka konke

Ukuhlabelela Izilwane kuyindaba eqhubekayo yokutholwa kanye lokunika amandla, okuhoela ekudaleni kwezithombe zakho ezintsha, ukusebenzisana emphakathini okutsha kanye lokuqala ukuthatha amanyathelo. Lolugwalo lulotshwe njengengxoxo phakathi komphathi wohlelo lalabo abaphatheka emhlanganweni. Umqhubi wohlelo uyakhuthazwa ukuthi esebenzise ubuciko lokwenelisa kwakhe lalokhu asedlule kikho empilweni ukuze engeze ukujula komhlangano wokufundisana.

Ukuhlabelela Izilwane kulenhlelo eziyisithupha:

- I. Ukwamukela
- II. Ukubazazi ukuthi singobani
- III. Ukuzwisisa ukwesaba lodlame
- IV. Ukuziqinisa
- V. Ukuxhumana labanye
- VI. Ukuqhubekela phambili

Nanzelela ukuthi kulolugwalo ibala elithi 'abantwana' lisetshenziswe kabanzi njalo ligoqela wonke amaqembu obudala (abantwana labasakhulayo). Umqhubi wohlelo uyakhuthazwa ukuthi evumelanise leli gama leminyaka yokuzalwa yabahlanganyeli. Ngokwesibonelo, abantu abaleminyaka 15 kusiyaphezulu yokuzalwa bengafisa ukubizwa njengentsha kumbe amajaha lamantombazane.

Abahlanganyeli labaqhubi bohlelo

Abahlanganyeli bakhethwa njani?

Abanye abantwana bazakhethwa yisigaba – kungaba ngababalisi, abazali, abakhokheli bezomoya, etc. – beqakathekisa ikakhulu labo abantwana asebedlule kumbe asebehlange lodlame lokuhlukunyezwa. Kuyasiza ukuba labantwana abatshiyetshiyeneyo, ngoba ukwesaba kungatholakala lakulabo abacatshangelwa ukuthi abala okubahluphayo. Kumele kube labahlanganyeli abangu15 kuya ku 25 emhlanganweni owodwa – kodwa inani le20 liyakhuthazwa kakhulu – beyehlukaniswe ngamaqembu eminyaka yokuzalwa. Ukuhlabelela Izilwane kwenzelwe labo abafakaza noma asebake badlula ekuhlukunyezweni kanye lezimweni ezibuhlungu empilweni zabo.

Ngobani abaqhubi bohlelo njalo ndima bani abayidlalayo?

Abaqhubi bohlelo ababili abancedisanayo bayadingeka, kanye lomuntu osizayo ovela esigabeni ololwazi lobuciko ekwelulekeni lekusizeni abantu ngokuxoxisana labo lokweluleka ngokwenqondo ukuze aphe usizo emntwaneni ongaludinga emhlanganweni, lokupha usizo losekelo lokudlulisela, ngemva komhlangano. Umuntu osizayo uzaba lobudlelwano labantwana lentsha ngemva komhlangano wokufundisana (e.g. njengengxenywe yeqembu labantwana kumbe elentsha), besenza eminye yemisebenzi abazabe bephatheke kuyo



.....
**Ukwesaba kungatholakala
lakulabo abantwana
abacatshangelwa ukuthi
abala okubahluphayo.**
.....

emhlanganweni, njalo esiza abahlanganyeli ukuze besebenzise ubuciko lolwazi abayabe belufundile emhlanganweni.

Ekukhetheni abaqhubi bohlelo, khethani abantu abaziwayo njalo abahlonitshwa ngabantwana, abakhululekileyo labazingcitshi zokusenza labantwana. Umqhubi wohlelo oqondileyo kufanele:

- ✓ Ebelomdlandla
- ✓ Ebe-creative futhi evumelana lezimo
- ✓ Ebelokuzwela izidingo zabantwana
- ✓ Umdlali weqembu okwazi ukusebenza labanye
- ✓ Osebenza ngokubambisana hatshi ngokuncintisana
- ✓ Okwazi isiko leqembu asebenza lalo
- ✓ Okhululekileyo ukubhekana lezinkinga lemizwa yabantwana
- ✓ Ongela kwahlulela
- ✓ Okwaziyo ukulalela
- ✓ Okwazi ukujabulela umdlandla wabantwana kanye lentsha
- ✓ Othanda ubumnandi

Silethemba lokuthi abaqhubi bohlelo bazaletsha isici esiqinileyo samasiko emhlanganweni wokufunda – ukuhlabelela, ukudansa kanye lezinganekwane – ukwenzela ukuthi isiko lendawo lihlanganiswe layo yonke imisebenzi yalumdalo kanye lezinikeza amandla.

Ukusebenza labantwana

Indlela abadala abasebenzisana ngayo labantwana, ikakhulu abahlukumezekileyo, ibaluleke kakhulu. Ngaphansi kulezinhlw ezimbili – uluhlu lwakuqala lunikeza indlela zokuthi ungaxhumana njani labantwana kabanzi, olwesibili lunika izeluleko zokuthi abaqhubi bohlelo benzeni nxa abantwana bengaphathekanga kuhle emhlanganweni wokufundisana.

Sizebenzisana njani labantwana

- a. Khuthaza abantwana ukuthi belolonge imizimba belingise konke lapho okweneliseka khona. Abantwana bafunda ngokuhamba kwemizimba yabo kulamazwi ethu.
- b. Sebenzisa iphimbo lakho ngendlela ezitshiyeneyo ukuze ulondoloze ukutshiseka kwabo.
- c. Tshengisa ukutshiseka lokuthakazelela lokhu okwenziwa ngabantwana langempilo zabo.
- d. Gcina imilayo ilula futhi imfitshane.
- e. Nika isikhuthazo lodumo ngokuphatheka komntwana ngamunye ngamunye engxoxweni

Okufanele ukwenze uba umntwana engaphatheka kubi

- a. Nanzelela ukucindezeleka: Ingane ingatshintsha iphimbo iqalise ukukhuluma njengomntwana omncane; ukuzikhipha emphakathini loba ukuswela ukutshiseka/ukuphatheka emisebenzini yomhlangano; ukuphonguba duma kumbe ububanzi bemizwa obukhawulezekileyo.
- b. Isenzo: Yazisa umuntu osizayo kumbe umqhubi wohlelo. Hlola isimo semizwa yomntwana. Umzwele futhi umqinise. Uma kusenza, thola ukuthi kuyini okungamphathi kahle. Khangela **iSinging to the Lions Supplement**, *What adults need to do*, **Page 5**. Phetha ngohlelo **lokugxilisa** (Engikubonayo, engikuzwayo, engikuthintayo)



.....

Abaqhubi bohlelo bangaletsha isici samasiko esiqinileyo – ukuhlabelela, ukudansa, lezinganekwane – ukwenzela ukuthi isiko lendawo lilumbane lemisebenzi yonke yomhlangano.

.....

Bheka **Isichasiselo 1.**

- c. Umntwana engakutshela ukuthi uhlukunyezwe ngokocansi khangela **Isichasiselo 3.**

Umntwana engaphatheka kubi muphe ithuba lokuthi axazulule lobubuhlungu, ubuhlungu obuphakathi kwakhe budede. Nxa umntwana engenelisa ukuthobeka ngenxa yosizo lwabaqhubi bohlelo kumbe ngawakhe amandla, lokhu kutshengisa ukuthi uselokwenelisa okutsha kokumelana lemizwa elamandla.

Ugwalo lolu lwakhiwe njani?

Ugwalo lolu lugxile emhlanganweni wokufunda, kodwa impumelelo yohlelo olubanzi incike ekuphathekeni kwabazali, labo abanakekela abantwana, lenkokheli yendawo, belalela abantwana lentsha, ngaphambi langemuva komhlangano wokufundisana, ngezinto ezibakhathazayo. Ngaphansi kulokuchasisa okufitshane mayelana lalokhu okufanele kwenziwe ngaphambili langemuva komhlangano wokufundisana. Ngemva kokuchasisa kulandela itafula echaza imisebenzi yonke efakwe emhlanganweni wokufunda lokuthi imojula inye ngayinye iqala iphinde iphele nini.

Ngaphambi komhlangano wokufundisana

Labo abakwazi umsebenzi wokuthuthukisa umphakathi kungenzeka ukuthi bayakwenza lokhu. Kulabo abasaqala umsebenzi waloluhlobo kubalulekile ukuthi bahlangane lenkokheli yendawo ukuze babachasisele ngenhloso yomhlangano wokufundisana, Ukuhlabelela Izilwane, bethole lokwesekwa. Kubalulekile futhi ukuthi bahlangane labazali (abanakekela abantwana), kanye labantwana ukuze bethole imvumo yabo yokuthi abantwana bephatheke emhlanganweni. Ukuze uthole ingcazelo ebanzi ngalemihlangano, sicela ukhangele **Isichasiselo sesibili.**



.....
Impumelelo yohlelo olubanzi incike ekuphathekeni kwabazali, labo abanakekela abantwana, lenkokheli yendawo, belalela abantwana lentsha besethula izinto ezibakhathazayo.

Umhlangano ongaphambi komhlangano wezingane wokufunda okhokha abakhokheli bendawo (abamele uhulumende, ezenkolo, nomphakathi) kanye/noma amalunga ekhomithi lokuvikelwa kwezingane kuleyo ndawo	Imizuzu engu-60 kusiya ku-90, iviki eyodwa ngaphambi komhlangano wokufundisana
Umhlangano ongaphambi komhlangano wokufundisana okhokha abazali/abanakekeli kanye labantwana abazaphatheka emhlanganweni wokufunda echaza ukuthi Ukuhlabelela Izilwane kumayelana lani, ukuthola imvumo ebazalini, kanye lemvumo yabantwana. Abantwana kumele begcwalise ifomu lokuhlola langaphambi komhlangano wokufundisana.	Imizuzu engu-60 kusiya ku-90, iviki eyodwa ngaphambi komhlangano wokufundisana

Ekupheleni komhlangano wokufundisana

Ekupheleni kosuku ngalunye, lugogelolusuku ngokubuza abayingxenywe yomhlangano wokufundisana ukuthi yiphi imisebenzi abayithakazelele kakhulu lokuthi kuyini abakufundileyo.

Ngemva komhlangano wokufundisana

Abaphatheka emhlanganweni wokufundisana kumele babekwazi ukuthi ukukhathazeka kwabo kuzabuyiselwa emphakathini ukuze kube khona okuthile okwenziwayo mayelana lalokhu kukhathazeka. Isibonelo singaba yikuhlukunyezwa kwabantwana ngomsebenzi, ukuhlukunyezwa ngokocansi, ukubona ukubulawa komuntu, ukuhlukunyezwa ngokwemizwa langokomzwelo, noma ukutshiya isikolo ngenxa yokuswela imali.

Kubalulekile ukuthi iqembu labadala abahloniphekayo libhekane lezindaba zokuvikela abantwana labayabe bephatheke emhlanganweni

wokufundisana ukuze kuthuthukiswe izixazululo ezakhayo. Uba umhlangano wokwabelana ulwazi usabalale amaviki ambalwa, umhlangano wokuvikela abantwana ungaba ngemva kwemojula yesithathu. Amalunga omhlangano wokufundisana angabelana labanye lokhu abakufundileyo ngokwethula esikolweni kumbe kweyinye inkundla. Yomibili lemhlangano ichazwe kabanzi ku**Sichasiselo sesibili**.

Umsebenzi wokuvikela abantwana ongemva komhlangano labakhokheli bendawo (uhulumende, abamele abezenkolo, nomphakathi) kanye/noma amalunga ekhomithi yendawo yokuvikelwa kwabantwana	Imizuzu engu-60 kusiya ku-90
Isethulo sangemva komhlangano kubanakekeli babantwana labazali ngosuku lomcimbi wesikolo, kwenye inkundla, loba ukubiza abazali emhlanganweni ohloselwe isethulo.	Imizuzu engu-60 kusiya ku-90
Amaqembu kumbe amakilabhu abantwana lentsha ukuze aphe ukwesekwa okwengeziweyo lokulandelela.	Okuqhubekayo
Ukulandelela ukuqapha nokuhlola okwenziwa ngabantwana: Izinyanga ezintathu kusiya kwezine ngemva komhlangano wokufundisana.	Imizuzu engu-30

Ukwakhwa komhlangano wokufundisana

Umhlangano wokufundisana ungabanjwa izinsuku ezintathu ezigcweleyo (amamojula amabili ngelanga) noma izinsuku eziyisithupha (imojula eyodwa ngosuku e.g. kanye ngeviki) Ukugcinwa kwesikhathi kugcinwa ngokuhambisana lemojula, yona elinganiselwa ukuthi idonsa okwamahola amathathu kanye lekhefu elifitshane phakathi laphakathi kwemojula.

Abantwana bazayehlukaniswa bengenise emhlanganweni yokufundisana efanele iminyaka yabo. Imihlangano yokufundisana ingaba ngobulili obubodwa noma obuxubeneyo kusiya ngesiko lendawo. Kungcono nxa intsha encane llendala bengehlukaniswa. Abantu abadala abasebatsha (19+) nabo bengathola ukuthi lumhlangano wokufundisana ubalulekile kodwa kufanele babe leqembu labo bodwa.

Izikhathi eziphakanyiswe lapha ziyalinganiselwa. Yonke imisebenzi ibalulekile njalo ungayijahi. Nika abantwana isikhathi eseneleyo sokubuzisa imibuzo lokuphatheka engxoxweni. Eminye imisebenzi ingadinga ukuthi itshintshwe ihambisane lamasiko lokufaneleka kweminyaka. Emiphakathini yangemva kokuxabana noma engahlalisekanga, kungadingeka izinguquko ezengeziweyo, okunjengokuchitha isikhathi esinengi emisebenzini yokuphefumula lokugxilisa noma ukuhlanganisa lezimo abangabe bedlula kizo ekuxoxeni. Ikakhulukazi uma kusenziwa izinguquko, qinisekisa ukuthi azichayi izingane ekulimaleni ngokomzima kanye lokwemizwa.

Qala usuku lunye ngokugida kumbe ukuhlabelela. Ngaphandle kwelanga lokuqala, ekuseni nxa uqala usuku buza abantwana ukuthi bakhumbulani ngokufundwe ngosuku oludlulileyo lokuthi bakusebenzisa njani empilweni zabo. Uma usenza amamojula ehlukane ngezinsuku ezimbalwa noma iviki, buza le mibuzo ekuqaleni kwemojula ngayinye. Ngaphambi kokuphela kosuku ngalunye noma imojula, buza wonke umuntu ukuthi yiphi imisebenzi ayithandileyo lokuthi ufundeni. Ukuze uqede usuku ngalunye noma imojula, kukhuthazwa ukuthi kwenziwe umsebenzi omfitshane wokuphefumula abantu bonke besesigombolozini. Sebenzisa owodwa owuthandayo emhlanganweni wokufundisana kumbe ukhethe ezikuSichasiselo 1.



.....
Eminye imisebenzi ingadinga ukuthi itshintshwe ihambisane lamasiko lokufaneleka kweminyaka.

Imojula 1

Uhlelo 1: Ukwamukela ekuhlabeleleni izilwane	
Umsebenzi 1: Ukwazana	Imizuzu engu-60
Uhlelo 2: Ukubazazi ukuthi singobani	
Umsebenzi 2: Isihlahla sempilo	Imizuzu engu-120

Imojula 2

Umsebenzi 3: Ukuphinda 1 – Ukuhlabelela Izilwane	Imizuzu engu-15
Uhlelo 3: Ukuzwisisa ukwesaba lodlame	
Umsebenzi 4: Ukuzwisisa Udlame	Imizuzu engu-80
Umsebenzi 5: Indlela ezimahluko zokumelana lodlame	Imizuzu engu-20
Umsebenzi 6: Ukuzwisisa ukwesaba	Imizuzu engu-25
Uhlelo 4: Ukuziqinisa	
Umsebenzi 7: Tshintsha umsakazo nje	Imizuzu engu-40

Imojula 3

Umsebenzi 8: Indawo ephephileyo phakathi kwethu	Imizuzu engu-20
Umsebenzi 9: Izikweya ezine	Imizuzu engu-60
Umsebenzi 10: Intaba, Amanzi, Umoya, Umlilo	Imizuzu engu-60
Umsebenzi 11: Akuso mlandu wami	Imizuzu engu-40

Imojula 4

Umsebenzi 12: Ukudedela izinkinga	Imizuzu engu-40
Umsebenzi 13: Isihlahla samagugu	Imizuzu engu-40
Umsebenzi 14: Ukuphinda 2 – Ukuhlabelela Izilwane	Imizuzu engu-20
Uhlelo 5: Ukuxhumana labanye	
Umsebenzi 15: Kulesilwane entabeni! Gijima, gijima, gijima!	Imizuzu engu-15
Umsebenzi 16: Indawo eziphephileyo lendawo eziyingozi	Imizuzu engu-65

Imojula 5

Umsebenzi 17: Umdlalo wabancedisi	Imizuzu engu-40
Umsebenzi 18: Ukuqila isilwane	Imizuzu engu-50
Uhlelo 6: Ukuqhubekela phambili	
Umsebenzi 19: Amanyathelo amancane okuqansa intaba	Imizuzu engu-50
Umsebenzi 20: Ukuhloniphana	Imizuzu engu-40

Imojula 6

Umsebenzi 21: Imilayezo	Imizuzu engu-60
Umsebenzi 22: Ukuhlola ukuzwisisa	Imizuzu engu-30
Umsebenzi 23: Ukuhlabelela izilwane – Umcimbi	Imizuzu engu-60
Hlabelelani ligide, kumbe liqede masinya	Ukuvala

Lolugwalo njengengxenywe yohlelo olukhulu

Lomhlangano wokwabelana ulwazi wabantu abatsha uyisisusa sohlelo olukhulu lokusebenza komphakathi lwabantwana kanye labantu abadala. Kulo umhlangano kulethemba lokuthi kuzabunjwa ikhomithi lezingane noma lentsha elizokhangela izinto ezibalulekileyo ezivelayo. Ikhomithi leli selingahlanganyelana labantu abadala abahloniphekayo labalamandla lisebenze ngokubambisana labo ukubhekana lalezinkinga. Umuntu omdala osizayo oyabe ebe yingxenywe yomhlangano wokufundisana usebenza njengomeluleki lokuxhumana lomphakathi – uzadlala indima enkulu ekuxhumaniseni ikhomithi yabantwana lomphakathi omkhulu (khangela Isichasiselo sesibili). Lomhlangano wokufundisana ungaphinde uxhunyaniswe lemisebenzi yesikhathi eside yokwakha ukuthula kanye lezinye inhlelo esigabeni ukuze impumela yawo ithuthuke.

Imisebenzi yalomhlangano ingaphindwa ngokuhamba kwesikhathi uma umhlangano suphelile. Amaqembu okuxoxisana kumbe ama-club Okuhlabelela Izilwane angahlangana kanye ngeviki ukuze balolonge ulwazi abaluthole emhlanganweni, baxoxisane futhi njalo ngokuthi balusebenzisa njani lolu lwazi ezimpilweni zabo lokuthi lubasebenzela njani.

Yiziphi izinto ezidingakalayo kumhlangano wokufundisana

- Ama-Poster Sheets kumbe amaphepha eFlip Chart (amabhuku amabili – two sets)
- Iphakethi lamaphepha angelamzila (A4) awokubhalela lokudwebela
- Amapheni, ayenela bonke abantwana
- Ama-crayon kumbe ama mighty marker alemibala etshiyeneyo awokudweba
- I-masking tape (i-roll eyodwa)
- Ibhola lokuphosa (lingenziwa ngamaphepha)
- Intambo ende (ball of string or yarn)
- Ibhokisi, isaka, kumbe ingcebethu enkulu
- Amatshe amakhulu angagcwala phakathi kwebhokisi kumbe ingcebethu
- Imifanekiso eprintiweyo: a) **Ikhasi 13** – Umfanekiso wesilwane esibhongayo; b) **Ikhasi 12** – Umfanekiso wabantwana abahlabelayo; (c) **Ikhasi 43** – Umfanekiso weqembu labantwana abethukileyo, leyinye lapho ababukeka kungekho okubakhathazayo. Printa imifanekiso emithathu noma emine yomufanekiso munye ukwenzela ukuthi abantwana beyibone lula. Imifanekiso le kumele ibeyi-A4 size (8 x 11 inches).
- Isistimu yomculo, ikhompuyutha nesipikha esingavulwa sizwakale phezulu. Uba lokhu kungatholakali kungasetshenziswa ingungu kumbe isigubhu labantu abaculayo.
- Amabhuku okubhalela noma amakhadibhodi angasetshenziswa njengendawo eqinileyo yokubhalela
- Amafomu eyeneleyo emvumo lawokuhlola (amabili emntwaneni ngamunye)
- Amakhophi efomu lokuhlola (**Isichasiselo 8**) emntwaneni ngamunye: ngaphambi langemva komhlangano wokufundisana, nangemva kwezinyanga ezintathu
- Amakhophi esithupha sempumelelo (**Isichasiselo 10**)
- Amathegi amagama

Ukuze uthole ulwazi olungezelelweyo, khangela izichasiselo kanye lesengezo/ [Supplement](#). Okunye ukufunda kuyatholakala futhi emibhalweni esekelayo ebulenjini ku-[CRS website](#).

Ukuhlelwa kwendlu

Nxa kusenzaka, umhlangano wokufundisana kumele ubanjelwe endlini enkulu elezihlalo ezigombolozele igceke eliphakathi kwendawo. Abaqhubi bohlelo bazama phakathi kwesigombolozile lesi besebenzise igceke eliphakathi kwesigombolozile kweminye imisebenzi.

ISIGABA 3:

IMISEBENZI YOMHLANGANO WOKUFUNDISANA



UHLELO 1. UKWAMUKELA EKHULABELELENI IZILWANE



Kuwe mqhubi wohlelo: Loluhlelo lunceda abantwana ukuthi bazinze njalo bakhululeke emhlanganweni njalo bazwisise indlela umhlangano ezayithatha ensukwini ezintathu ezilandelayo. Nxa abantwana bengakaqedi ukuhlolwa kwangaphambili (Isichasiselo 8), bacele ukuthi bakwenze ngaphambi kokuqala komhlangano wokufundisana.

Umsebenzi 1: Ukwazana

Inhloso	Ukunceda bonke abayingxenywe yomhlangano wokufundisana ukuthi bezinze bezizwe bekhululekile lokuhlola ukuzwisisa kwabo komhlangano		
Izinto ezidingekayo	- Imifanekiso yokuhlabelela izilwane – owodwa owesilwane sibhonga, omunye owabantwana abahlabeleyo (khasi 12 lo 13) - Ikhompuyutha le lesistimu yomculo		IMIZUZU ENGU-60

Isixwayiso: Kwamanye amazwe, isilwane singabe singaziwa. Yenza umhlangano ujoyelane lesiko lendawo. Umzekeliso walokhu yikusebenzisa umfanekiso wenyoka enkulu kumbe ingwe. Ezichasiselweni kulemifanekiso etshiyeneyo yokufezisa leyingqongolo. Khangela **ukhasi 73 lo 74**.

Ingxenywe 1: Ukwemukela (Imizuzu engu-20)

Tshaya ingoma yokugida emnandi njengoba abantwana bengena, kumbe uqale ngokuhlabelela nxa umculo ungekho. Gida ngendlela ekhululekileyo etshengisa ukuthi lokhu kuzoba yikufunda okulomahluko, okugcwele ukunyakaza lemidlalo. Njengoba abantwana bengena endlini, abaphathi bohlelo kumele bebameme ukuthi bagide ndawonye labo. Wonke umuntu uzagida ndawonye. Kancane kancane wenze ingoma ithambe.

Isixwayiso: Ngamalanga omhlangano wonke nxa abantu bengena endlini umeme abantwana ukuthi bagide. Ngemva kokugida ngezinsuku zesibili lesithathu zomhlangano, buza umuntu wonke ukuthi kuyini akukhumbulayo ngayizolo lokuthi basebenzise njani lokhu abakufundileyo. Uma wonke umuntu evuma, kungangezelelwa umthandazo wokuvula ekuqaleni kosuku.

Abaqhubi bohlelo bazazethula. Ngemva kwalokhu bazacela abantwana ukuthi babhale kuthegi lebizu igama abafiza ukubizwa ngalo komhlangano wokufundisana. Abantwana bengazethula ngokutsho ibizo labo. Lokhu kwanele. Nxa bethanda, bengatsho iloba yini abangafuna ukutshela abanye ngabo. (**Isibonelo:** Ingoma noma ukudla abakuthandayo; into eyodwa abayithandayo labangayithandiyo; ukuthi bavelangaphi. Abantwana abancane, bengakhuluma ukuthi yiwuphi umdlalo abawuthandayo kumbe ukudla. Kodwa ungabancindezeli; abanye abantwana bengabe belenhloni ekuqaleni.





Ongakukhetha: Uma ufuna ukusiza abantwana ukuthi bakhululeke kakhulu omunye komunye, zama lo mdlalo. Esigombolozini esikhulu, memeza into eyodwa abantwana abangabe befana ngayo. Isibonelo, Ngubani ogqoke okubomvu? Ngubani ovela endaweni ethile? Ngubani othanda inombole? Ngubani othanda ukudlala ibhola? etc. Abantwana abalento leyo efanayo kufanele bagijime bangene phakathi kwesigombolozini ngokuphangisa. Cela abantwana bezenzele ezabo izigaba abafana ngazo.

Umqhubi wohlelo kanamathisele imifanekiso yabantwana abahlabelayo lezilwane ezibhongayo emdulwini lapho abantwana abangayibona khona. Imifanekiso le kumele ibe duze la duze ukwenzela ukuthi abantwana abahlabelayo lezilwane bekhangelane. Umqhubi wohlelo kakhombe emifanekisweni ebuze imibuzo elandelayo. Vumela isikhathi esithile esengxoxo.

Umqhubi wohlelo uyabuza:

- *Kuyini okwenzakala emfanekisweni?*
- *Abantwana bayenzani? Kungani besenza lokhu?*
- *Izilwane zona ziyenzani?*
- *Kulabantu obaziyo abayenza njengezilwane ezisemfanekisweni lowu? Ngitshele ngabo.*
- *Ubonangani kuyini okuzayenzakala?*

Ingxenye 2: Funda ngezilwane (Imizuzu engu-40)

Umqhubi wohlelo uyabuza: Wena ungakhetha ukuba yini: izilwane kumbe abantwana abahlabelayo? (thola impendulo). Bakhona yini asebakhe bahlabela izilwane? (thola impendulo)

1. *Okokuqala ungaba yizilwane kumbe umdlwane waso. Phefumula udonse umoya kakhulu, ngingabala kube kuthathu, ngifuna lonke lelule iminwe yenu njengenzipho zesilwane libhonge kakhulukazi ukuze abantu bezwe elizweni lonke! Kunye, Kubili, Kuthathu (Wonke umuntu uyabhonga)! Lapho ubhonga, zwana amandla esilwane!*
2. *Angilizwa, kasiphinde futhi njalo sikhweze amazwi! (Isixwayiso: Abantwana abangathandi msindo bengavala indlebe zabo nxa ukubhonga kubethusa, kumbe bengaba yimidlwane yesilwane bebhonge okulingeneyo.)*
3. *Ngitsheleli ngezilwane. Kuyini eziyenelisa ukukwenza? (Ngemva kokuthola impendulo, umqhubi wohlelo engangezelela ukuthi izilwane ziyingozi njalo ziyethusa)*
4. *Izilwane zisenza sizizwe njani? Izilwane ziyasethusa. Kodwa kuyini okwenzakalayo singazihlabela njengasemfanekisweni? (Umqhubi wohlelo kakhetha abantu abalutshwana ukuthi babe yizilwane ebacele ukuthi babhonge bethuse. Umqhubi wohlelo katshele wonke umuntu oseleyo ukuthi edlale indima yabantwana bekhetha ingoma bayihlabela)*
5. *Asihlabeleni izilwane sibone ukuthi kuzayenzakalani. (Wonke umuntu uyahlabela ngapha izilwane zibhonga zibuya duze labantwana).*

Umqhubi wohlelo uyabuza: Kuyini okwenzakalayo nxa sihlabelela izilwane? (Thola impendulo) Nxa sihlabelela izilwane ukubhonga kwazo asikuzwa kangako. Izilwane lazo zicina zingasayethusi kangako. Izilwane lezi zimele into esizesabayo. Nxa sihlabelela into esizesabayo, ziyadeda, zinciphe, zinciphe, zibe zincane. Lumhlangano wokufundisana ukuhlabelela izilwane umayelana lakhonokhu.

UHLELO 2. UKUBAZAZI



Kuwe mqhubi wohlelo: Ukuze siqhubeke ngokuphila lokuthi sibhekane nakho konke ukungaqiniseki, ukwesaba, kanye nokusincindezelayo insuku zonke, sidinga ukubakwazi futhi sizwe impande zethu, ngaphandle kwalokho singalahleka. Kudingeka sazi ukuthi sisukangaphi lokuthi siyangaphi.

Umsebenzi 2: Isihlahla sempilo

Inhloso	Ukusiza umhlanganyeli ngamunye ngamunye ukuthi azazi ukuthi ungubani kanye lombono wempilo yakhe. (Imizuzu engu-120 lekhefu letiye ngaphakathi)		
Izinto ezidingekayo	- Amaphepha amakhulu (flipchart paper) umntwana ngamunye uphiwa elilodwa. - Amapheni, amamakha emibala eyehlukeneyo lama-khrayoni.		IMIZUZU ENGU- 120

Umqhubi wohlelo uthi: Ake siqale ngokubazazi ukuthi singobani ngoba lokhu kuzasisiza ngokwesaba kwethu. Sizabakwazi ukuthi singobani lamandla esilawo. Lapho sisiba kwazi okugxilileyo ngokuthi singobani, asisoze sesabe noma sesatshiswe ngabanye.

Ingxenye 1: Ukulingisa (Imizuzu engu-10)

Isixwayiso: Ungatshiya lingxenye nxa usebenza lentsha ekhulileyo uma ucabanga ukuthi abasoze bayithakazelele.

Umqhubi wohlelo uthi: Lomsebenzi, **Isihlahla sempilo**, usifundisa ngempande zethu, lapho esivela khona, lokuthi singobani. Uyasifundisa ngamandla esilawo kwenzela ukuthi sibe lesibindi njalo sibe lamandla. Iphinda isikhombise ingatsha zethu, ukuthi siyangaphi empilweni zethu.

1. Wonke umuntu kasukume ebe njengesihlahla esikhulu. Ngitshengisa ukuthi ungenza njani umzimba wakho ube yisihlahla eside.
2. Kuyini okungaphansi kwesihlahla okungena emhlabathini? (mana mbijana – thola impendulo) **Zimpande**. Ngitshengisa impande. Impande zisiza ngani esihlahleni? Zwana impande zesihlahla sakho. Yenza imilenze lenyawo zakho kugxile phansi kukuphe amandla.
3. Kusiya phezulu esihlahleni, kuyini okulandelayo? (thola impendulo) **Isigodo, Isiqu kumbe Umzimba**. Ngitshengisa isigodo. Sisebenza ukwenzani? Sizwe isigodo sesihlahla esiqinileyo – sileminyaka emihle leminyaka emibi kodwa siyaqhubeka sikhula. Iminyaka isedlula siyaqhubeka sisiba side sihambisa isihlahla phezulu esibhakabhakeni.
4. Yiphi ingxenye yesihlahla eya phezulu esibhakabhakeni? (thola impendulo) **Zingatsha**. Ngitshengisa ingatsha zesihlahla zikhula zisiya esibhakabhakeni. Luyini usizo lwengatsha? Ziyathwala izithelo ezimnandi zokudla ziphinde zithwale amahlamvu asipha umthunzi.
5. Ngitshengisa **amahlamvu** esihlahla. Ayenzani wona? Ayasipha umthunzi singatshiswa lilanga emini.
6. Khathesi ngitshengisa **izithelo** zesihlahla. Zimnandi ukudla ikakhulu nxa kutshisa.



Amahlamvu: amathalenta
ami, ubuciko kwami
lempumelelo

Ingatsha:
Engikukhangeleleyo
lengikufisayo


Izithelo: Okuhle empilweni
yami khathesi

Izinanakazana eziyingozi:
Okungenqabela ukufeza
amaphupho ami

Izikhathi kumbe izehlakalo
ezinzima empilweni yami

Izikhathi ezimnandi
empilweni yami

Impande: Lapho engivela khona



Ingxenye 2: Ukudweba (Imizuzu engu-50)

Umqhubi wohlelo uthi: *Ephepheni elikhulu sizadweba isihlahla sethu ngamunye ngamunye. (Nika wonke umhlanganyeli iphepha lakhe elikhulu lamapheni, amakhrayoni, lama-marker)*

Umqhubi wohlelo katshengise abahlanganyeli umfanekiso wesihlahla sempilo. (**Enye indlela:** Umqhubi wohlelo kadweba ingxenye inye ngayinye yesihlahla ngapha ekhuluma)

Umqhubi wohlelo uthi: *Lesi yisihlahla sempilo esimayelana lawe. Siyehlukaniswe saba zingxenye ezintathu: **IMPANDE, ISIGODO, LAPHEZULU**, lapho okulengatsha ezilamahlamvu lezithelo.*

Kuzadingeka ukuthi ubuze imbuzo ethile ngenxenye lengxenye yesihlahla. Umelele abantwana baqede ingxenye ethile yokudweba ungakabuzi eminye imibuzo. Bhoda phakathi kwendlu ukhangela imifanekiso abayidwebayo ukuze uqinisekise ukuthi bayazwisisa.

1. Dweba **IMPANDE** ubhale lapho ovela khona, lapho abazali bakho lezihlobo labokhokho bakho abavela khona. Uvela kuliphi idolobho kumbe isigaba? Abazali bakho bavela kuliphi idolobho kumbe isigaba? Ogogo labokhulu bakho bavela kuliphi idolobho kumbe isigaba? Lezi zimpande zakho. Impande zakho zingaphinda zibe ngabantu abakuthandayo abalusizo empilweni yakho. Loba ungavakatsha uye ngaphi empilweni impande zakho zisemhlabathini lowu, endaweni leyi.

Isixwayiso: Khumbuza abahlanganyeli ukuthi bangadweba uphawu kumbe isithombe nxa ukubhala kubazimela.

2. Dweba **ISIGODO**, esandleni sokudla saso, bhala ezinye zezinto ezakuthokozisayo empilweni. Kuyini okwakujabulisayo? Yiziphi izikhathi owazithakazelelayo? Esandleni senxele sesihlahla, bhala ezinye zezikhathi ezibuhlungu owadlula kizo empilweni yakho. Nxa wadlula esikhathini ezibuhlungu kakhulu ungabonisa ngesilonda esihlahleni kumbe ngogatsha olwephukileyo. Zibone uqansa isihlahla, usuka empandeni, usiya esigodweni uze ufike engatsheni.
3. Dweba **INGATSHA**. Engatsheni bhala okukhangelelelo lokufisayo ngekusasa lakho.
4. **EMAHLAMVINI** bhala amathalenta akho (lokhu okwenza kuhle), ubuciko bakho (lokhu owenelisa ukukwenza), lempumelelo yakho (lokhu osewakufezayo). Kuyini okwenza kuhle? (Izibonelo: Uqinile; uyanelisa ukunakekela abanye; uyalalela abanye nxa bekhuluma)
5. Kugaja lunye ngalunye dweba **IZITHELO** – izithelo zimele izinto ezinhle empilweni yakho khathesi. Izithelo zingaba ngabantu abalusizo kuwe, abakuthandayo kumbe abakukhuthazayo (ababalisi, inkokheli zenkolo, noma labantu ongazake uhlangane labo).

Ongakukhetha: Okokucina, dweba **izinanakazana eziyingozi** eziyimgoqo empilweni yakho. Lokhu kungabe kuyizinto ezikwenqabela ukufeza amaphupho akho. Zingaphinda njalo zibe yinkolo ongabe ulazo ngawe eziphambanisa ukuthuthuka kwakho, ezinjengokucabanga ukuthi awulutho kumbe uyisiwula.



Ingxenye 3: Ukuxoxisana (Imizuzu engu-45)

Cela abantwana behlangane ngababili ngababili babelane izihlahla zabo bebuzane imibuzo kumbe ukhethe amavolontiya ambalwa ukuthi abele iqembu jikelele izihlahla zabo. Gcina ukwabelana lokhu kube kufitshane.

Isixwayiso: Ukwabelana labanye kuya ngokuzithandela njengoba abanye abantwana bengabe bengafisi ukwaba ukudweba kwabo. Nxa kulabantwana abanengi abafisa ukwabelana leqembu, abambalwa bangethula ekuseni umhlangano ungakaqali ngamalanga alandelayo.

Isixwayiso: Lokhu ungakwenza kube njengengxoxo usebenzisa imibuzo engaphansi kumbe uvumele abethuli bakhulume ngezihlahla zabo ngaloba yiphi indlela abayifunayo. Zwelana lesikhathi, ungabi lengane eyodwa loba ezimbili kuphela ezibusa ingxoxo. Inhloso yokuxoxisana iyikuthi abahlanganyeli bathuthukise umbono omuhle ngabo – ngamathalente abo, abakwenelisayo, kanye lasebephumelele kikho ngaphezu kobunzima bempilo.

Izihloko zengxoxo ukuze udale indaba eyakhayo yempilo yakho.

- Ngitshela nge**Mpande** zakho, lapho okwakuhlala khona abazali bakho besakhula lapho okwakuhlala khona okhokho bakho.
- Ngitshela nge**Sigodo** sakho, ukuthi yiziphi izikhathi kumbe izehlakalo ezazinzima lalezo ezakujabulisayo

Isixwayiso: Kwabasha kanye labantu abadala, buza ukuthi yiziphi izifundo abazitholileyo kulokhu abahlangane lakho?

- Ngobani abantu ababalulekileyo empilweni yakho? Amathalenta lobuciko bakho sekukuncede njani empilweni? (Isibonelo: ukubekezela sekuke kwangisiza ukudlula ezikhathini ezinzima lokuthi ngilinde isimo size sibengcono; nxa ngingakwazi okokwenza ngiyacela uncdo kwabanye; lapho ngibhekane losizi ngiyakwazi ukuhleka futhi lokho kuyangisiza ukuba ngithole isixazululo.
- Kuyini okukhangeleleyo lokufisayo ngekusasa lakho. Kuyini ozitshela khona ukuthi ubelethemba – nxa impilo isibanzima uzitshelani ukuthi uqhubeke ?

Isixwayiso: Uba umntwana engaphatheka kubi ngesikhathi exoxa indaba yakhe, cela umuntu osizayo ukuthi ahlangele laye phandle ngalesi sikhathi. Uba abantu abambalwa bengaphathekanga kuhle ngokukhulunywayo, cela wonke umuntu embuthanweni ukuthi lenze isigombolozu libambene izandla. Umqhubi wohlelo kagcizelele ukuthi kulomhlango wokufundisana sibambene. Sonke silezinhlungu nokusijabulisayo empilweni zethu njalo sihlangele ngazo lapha.

Umqhubi wohlelo uthi: Sonke silokwesaba, lezinto ezimbi zingenzeka kuloba ngubani phakathi kwethu, kodwa asisodwa. Sibambene labanye. Kulento ezinengi esifanana ngazo. Sonke siyezwa injabulo lobuhlungu. Sonke silobuciko lamandla angasinceda ukuthi simelane lemigoqo. Sonke kulapho esivela khona; sonke silempande ezisikhumbuza ukuthi singobani. Sihlanganyela inhlalathi lamanzi afanayo. Njengesihlahla, siyenelisa ukuzisilisa njalo ingatsha zethu – **amathemba ethu** – engaqunywa, ezinye ezintsha eziqinileyo ziyakhula. Amandla ethu siwathatha kulabo ababuya muva, ekholweni lwethu, ezimulini zethu, ebanganini lababalisi bethu, lasebantwini abadlale indima ekukhuleni kwethu.

Ingxenye 4: Ukuhamba (Imizuzu engu-15)

Cela wonke umuntu ukuthi ephanyeke isihlahla sakhe emdulwini sibe seceleni kwezinye ukuze zenze igusu. Khokha abahlanganyeli ukuthi bekhangele izihlahla lezi.

Umqhubi wohlelo uthi: Impilo zethu ziyingxenye yegusu lapho esikhula khona sonke sibambene. Asihambeni eguswini sikhangele izihlahla zabanye. Khangela ukuthi igusu lethu likhulu njalo lilamandla njani. Khangela ukuthi izihlahla zonke zikhula kuhle zonke. Asisodwa.

Isixwayiso: Nxa kusenza gcina izihlahla lezi emdulwini amalanga onke omhlango. Tshela abantwana ukuthi nxa befuna bengahamba lezihlala zabo ngekhaya ekupheleni komhlango wokufundisana.



Umsebenzi 3: Ukuphinda 1 - Ukuhlabelela Izilwane

Inhloso	Ukugxila endingimbeni yokuhlabelela izilwane		
Izinto ezidingekayo	- Imifanekiso yezilwane ezimbili esetshenziswe kumojula 1 - I-tape yokunamathisela		IMIZUZU ENGU-15

Cela abahlanganyeli bakhumbule njalo batsho abakwenzileyo kumojula 1. Bese ufaka umfanekiso wezilwane ezimbili eguswini elakhiwe ngezihlahla zokuphila.

Kuwe mqhubi wohlelo: Nxa kuleviki phakathi kwemojula 1 lemojula 2, umqhubi wohlelo kumele ephanyeke izihlahla njalo ukwenzela umsebenzi lowu.



Umqhubi wohlelo uthi:

- Izilwane ngabantu bonke, izinkolo lezinto esizesabayo empilweni. Yiziphi ezinye izilwane empilweni yakho? (thola impendulo)*
- Khathesi bheka izilwane phakathi kwegusu. Ubonani? (thola impendulo)*
- Izilwane zigonjolozelwe, zivalelwe. Zijwayele ukuzingela egcekeni elivulekileyo kodwa lapha eguswini kubanzima kizo. Nxa sikwazi ukuthi singobani, siqinile njengezihlahla, sibambene labanye, izilwane azisoze zisilimaze. Amandla azo aya esibamancane.*

Isixwayiso: Nxa kudingeka, sebenzisa isikhuthazi esinika amandla (energizer) lapha.

Umqhubi wohlelo uthi: Sesilolwazi olubanzi mayelana lokuthi singobani lamandla ethu. Kasidluleleni phambili sizwisise kabanzi ngokwesaba lodlame okungathatha amandla ethu, lokuthi singenzani ukuthi siziqinise.

UHLELO 3. UKUZWISISA UKWESABA LODLAME



Kuwe mqhubi wohlelo: Ukuzwisisa ukwesaba lodlame kuyasiza ukuphungula ukwesaba lokusabela kobugwala.

Umsebenzi 4: Ukuzwisisa udlame

Inhloso	Ukuncedisa abahlanganyeli ukuthi bezwisise udlame lempumela, yalo		
Izinto ezidingekayo	Ibhola elenziwe ngamaphepha elokusebenzisa kungxenywe yesithathu yomsebenzi lowu		IMIZUZU ENGU-80

Ingxenye 1: Inhlobo zodlame (Imizuzu engu-20)

Umqhubi wohlelo uyabuza: Yiziphi indlela abantu abangalimizana ngazo (thola impendulo)

Ngemva kokuzwa impendulo, umqhubi wohlelo kabuze imibuzo elandelayo, ethole impendulo ngemva kombuzo munye ngamunye. Qaphela ukuthi asihlosanga ukubuza abantwana amabizo abantu asebake behlelwa ludlame; kodwa sifuna bananzelele ukuthi bayakwazi abantu asebake behlelwa yibungozi lobu.

Umqhubi wohlelo uthi:

- Kwesinye isikhathi abantu bayalimizana ngenkulumo. Sewake wabona lokhu kusenzakala, lapho abangane bakho abalinyazwa yinkulumo khona?
- Abantu bayanelisa njalo ukulimaza umzimba womuntu. Kulabantu obaziyo asebakebehllelwa yingozi le?
- Ukulimala lodlame kungaba ngokomzimba kumbe okwamazwi, noma ngalokho okubonileyo kumbe okuzwileyo. Kungenzeka futhi ezindaweni ezinengi ezehlukene, isibonelo:
 - ü Sewake wabona umuntu elinyazwa esikolo? Kuyini okuyabe kwenzakele?
 - ü Sewake wabona umuntu elinyazwa ngibo? Kuyini okuyabe kwenzakele?
 - ü Sewake wabona umuntu elinyazwa esigabeni? Kuyini okuyabe kwenzakele?

Isixwayiso: Nxa abantu belenhloni kumbe besesaba ukukhuluma ngendaba lezi, phana imizekeliso. Esikolweni (ubuqhawaga, ukuqala umntwana omahluko, kumbe ukujeziswa ngokomzimba). Ngekhaya (ukudakwa, udlame ngekhaya). Esigabeni (udlame lwamasotsha lamapholisa, ukuhlaselwa, inkethabetshabi, ukutshontsha, ukulwa).

Isixwayiso: Yamukela futhi uqinisekise zonke izindaba ezivezwa ngabantwana; ungazami ukunciphisa kumbe ukululazisa noma yiphi yazo. Ungabhali izimpendulo emdulwini; kwanele ukuxoxa kuphela ngezindaba.

Ingxenye 2: Umdlalo wobuhlungu (Imizuzu engu-45)

Tshela abahlanganyeli ukuthi basukume, bazelule, besebesiba yingxenye yesigombolozisi esikhulu.

Umqhubi wohlelo uthi:

- *Ngubani okhumbula ingxoxo yethu ekuqaleni? Sithe yiziphi izindlela abantu abangakulimaza kumbe belimaze abanye ngazo? (Izibonelo: ukulwa, ukutshaya abanye, ubuqhwaya, ukuninela abanye khatshana, ukutshontsha, ukudlwengula, lokubhidliza izindlu).*

Isixwayiso: Nxa kungaqanjwanga, buza nge-stigma; ukuninela abanye khatshana ngenxa yokuthi 'bangumbala ongayisiwo', kumbe ukuthi bangumhlobo ongayisiwo, ukuthi bakhubazekile, kumbe ukuthi babukeka ngendlela engajwayelekanga.

- *Kwenzakalani emuntwini olinyaziweyo kumbe ohlaselweyo. Kuyini okwenzakala kuphimbo lakhe? Uyenelisa ukukhuluma aphikisane lalokho okwenzakeleyo na?*
- *Kwenzakalani emzimbeni wakhe?*
- *Kulendlela ezinengi abantu abangalimazana ngazo! Uzwa kusithi wenzeni nxa abantu belimaza wena kumbe abantu obaziyo – uyazigoqa ubeke izandla ebusweni ufise ukuthi umhlaba unyamalale, uyabisela, kumbe uyabaleka? (thola impendulo). Kukhona okunye yini okwenzayo esingabe sikutshiyile? (thola impendulo)*

*Khathesi asidlaleni umdlalo obizwa kuthwa **ngumdlalo wobuhlungu**. Ngizaphosa ibhola. Ungalibamba usitshengise ukuthi wena uyenza njani nxa umuntu engakulimaza.*

- *Nxa ufuna ukuzama ukunyamalalisa umhlaba, unganaki yonkinto eyenzakalayo, uzaqutha kumbe uhlale phansi. Ngemva kwalokhu uzaphosela ibhola omunye.*
- *Nxa ufuna ukubaleka, uzaphuma ngaphandle kwesigombolozisi uhlale ngaphandle kwaso. Ngemva kwalokhu uzaphosela omunye ibhola.*
- *Nxa ufuna ukubisela kumbe ukuthola ukuziphindiselela ngena esimweni sokulwa. Ngemva kwalokhu phosela omunye ibhola. Ibhola limele udlame lokulinyazwa. Kasiqhubekeni siphosela labo abangophoselwanga esigombolozini ibhola. Wonke umuntu kumele aphose ibhola kanye ukuze ekucineni komdlalo kungabikhona ongakaphosi ibhola.*

Qala ngokuphosela ibhola emuntwini oyedwa. Cela lowo muntu ukuthi etshengise ukuthi yena engenzanani nxa elinyazwa. Nxa wonke umuntu esephosile ibhola, umqhubi wohlelo kumele amise umdlalo.

Ukufinyeza, umqhubi wohlelo uthi: *Sonke kasikhangele isigombolozisi sethu, sibonani? (thola impendulo, futhi ubeke amazwana ukuthi yiziphi impendulo ezivame kakhulu zodlame kuleli qembu.*

- *Khangela ukuthi udlame lusenzani? Kungenzakalani nxa wonke umuntu engazama ukubulala omunye? Kungayenzakalani kithi sonke?*
- *Ungabaleka esikolweni kumbe ngekhaya, kungakuthokozisa lokhu? Ungabaleka isimo sibe sibi ngamandla ke?*
- *Kulendlela ezinengi udlame olusiphambanisa ngazo. Udlame luyaphambanisa indlela esizizwa ngayo lamanyathelo esiwathathayo.*

Njengendlela yokubambanisa lomdlalo olandelayo umqhubi wohlelo uthi: Udlame alulimazi kuphela lowu olutholayo, kodwa labantu abaseceleni kwakhe. Nxa sibona udlame luyasenza ukuthi sibe lemizwa engaphezu kwamandla ethu – ukwesaba, inzondo, etc. Imizwa efana lokwesaba lenzondo isenza sifune ukwenzani? (thola impendulo)



Kuwe mqhubi wohlelo: *Ukuze uthole ulwazi olubanzi ngomthelela wodlame ebantwaneni, khangela u-Breaking the Cycles of Violence kukhasi 8 le [Supplement](#).*

Ingxenye 3: Umdlalo wokubhoda-bhoda (imizuzu engu-15)

Umqhubi wohlelo uthi: Lo ngumdlalo woku**Bhoda-Bhoda** ositshengisa kabanzi ukuthi kuyini okuthatha indawo udlame lungabasempilweni zethu.

Wonke umuntu kame esigombolozini, omunye ngemva komunye kwenzela ukuthi omunye lomunye ekhangele umhlane womunye. Umuntu oyedwa uqala ngokubeka isandla sakhe asiqinise ehlombe lomuntu ophambi kwakhe ngapha ememeza esithi “Wena!” Bese umuntu olandelayo enze okufanayo emuntwini ophambi kwakhe ngokubeka isandla sakhe asiqinise ehlombe lomuntu ophambi kwakhe ngapha ememeza esithi “Wena!” Ekucineni, lo oqale ngomdlalo uzabekwa laye isandla siqinise phezu kwehlombe lakhe.

Umqhubi wohlelo uthi: Kuyini okwenzakalayo lapha? (thola impendulo) Udlame luyabhoda-bhoda. Udlame luyabhoda luphinde luphenduke emuntwini kumbe eqenjini lapho oluqalise khona, kumbe abantu abalinyaziweyo labo bacina belimaza abanye. Sewake wakubona yini lokhu empilweni yakho kumbe empilweni yomunye umuntu? (thola impendulo) Eziqhwageni, umuntu olamandla uyalimaza umuntu ongelamandla lomuntu ongelamandla ethole indlela yokulimaza umuntu olamandla. Kuyabe lulokhe kubhoda.

Umqhubi wohlelo ufinqa athi: Esikufundileyo yikuthi udlame ludala olunye udlame. Kumsebenzi olandelayo sizakhangela eyinye yezindlela esingazisebenzisa ukumisa udlame. Kumele kuqale phakathi kwethu. Singakadluleli phambili, asenzeni umsebenzi omfitshane wokuphefumula ukuze sehlise imiqondo yethu. Asihlalani phansi sonke.

Umsebenzi wokugxila – Engikubonayo, Engikuzwayo, lengingakubamba.

Lapho silemizwa engaphezu kwamandla ethu ngezinto ezithile, kubalulekile ukuzizwa sengathi sixhumene lomhlaba. Lumsebenzi wokugxila uyasisiza ukuthi senze njalo:

Umqhubi wohlelo uthi: Qamba into ezine ozibonayo. Qamba into ezine ozizwayo. Qamba into ezine ongazibamba. Zibambe. Qamba into ezintathu ozibonayo. Qamba into ezintathu ozizwayo. Qamba into ezintathu ongazibamba. Zibambe. Qamba into ezimbili ozibonayo. Qamba into ezimbili ozizwayo. Qamba into ezimbili ongazibamba. Zibambe. Qamba into eyodwa oyibonayo. Qamba into eyodwa oyizwayo. Qamba into eyodwa ongayibamba. Ibambe.

Gaphela: Nxa kulezimo lapho abahlanganyeli abakhulelwa yimizwa, sebenzisa lomsebenzi. Khangela **Isichasiselo 1** ukuze uthole eminye imisebenzi eyokuphefumula engenziwa.

UMSEBENZI 5: INDLELA EZIMAHLUKO ZOKUMELANA LODLAME

Inhloso	Ukuze abahlanganyeli befunde indlela ezakhayo zokumelana lodlame		IMIZUZU ENGU-20
----------------	--	---	------------------------

Ukuxoxisana (imizuzu engu-20)

Umqhubi wohlelo uthi: Cabanga ngabantu obaziyo abatshengisa amandla lokuqina lapho bebhokane lodlame: (thola impendulo zemibuzo a lo b)

- Bayenzanjani?
- Yiziphi izinto abazisebenzisayo? (Buza mayelana lezinto eziphakathi kwabo lezingaphandle. Isibonelo, Izinto eziphakathi kwabo: isineke, ukubekezela, amahlaya. Izinto ezingaphandle: ukuncediswa yimuli kumbe umdeni, abadala esigabeni)

Kuyini esingakwenza – ngamunye ngamunye – ukuthi simise udlame empilweni zethu? (thola izibonelo ebantwaneni) (Izibonelo zigoqela: Ukutshela abazali ukuthi sizizwa njani bengasilimaza; ukwenza amaqembu esikolo awokusekelana, ukukhuleka)

Umqhubi wohlelo uthi: Yiziphi indlela ezingasinceda kakhulu?

Umsebenzi 6: Ukuzwisisa ukwesaba

Inhloso

Ukuthi abahlanganyeli bafunde ukuthi ukwesaba kusithinta njani lokuthi kuyini esingakwenza ukuthi sehlise ukwesaba kwethu



IMIZUZU
ENGU-
25

Ingxenye 1: Ukwesaba okuncane (imizuzu engu-10)

Umqhubi wohlelo uthi: *Ukwesaba okuncane kungasanceda. Kuyasilungiselela ukuthi simelane lengozi.*

Ukubona ngelihlo lengqondo: *Hlala phansi uvale amehlo akho. Ake sithi bekufanele usebenze sekuhlwile esikolo kumbe emasimini; uhamba wedwa emgwaqweni njalo uyakwazi ukuthi indawo leyi ayisondawo ephephileyo. Uzizwa njani? Kuyini okwenzakalayo emzimbeni wakho? Nanzelela ukuthi inhliziyoyakho isitshaya masinya. Usuqala ukuzwa imisindo ngendlela ebalulekileyo. Uqaphele kakhulu. Ake sithi usuqala ukuhamba ngaphansi kokukhanya noma lapho ongaphephela khona. Lokhu ukwesaba okuncane kuyakusiza ukuba uzikhiphe esimweni esiyingozi.*



Umqhubi wohlelo uthi: *Uyabona ukuthi ukwesaba okuncane kungakusiza njani? (thola impendulo)*

Ingxenye 2: Ukwesaba okukhubazayo (imizuzu engu-15)

Umqhubi wohlelo uthi: *Kodwa kulokwesaba okukhulu okuqeda amandla. Ezimweni ezinje kumele sisebenzise "Ukuphefumula Okude". Nxa usesaba kakhulu, yenza ukuphefumula okude kabili. Uyabe uphefumulela phandle konke ukwesaba kwakho. Zwana inyawo zakho phansi kumbe indlela isitulo ohlezi kiso esisekela ngayo umzimba wakho. Uzaphefumulela phakathi ngamakhala akho, ugcwalisa isisu sakho kuqala, emva kwalokho imbambo zakho, besekucina ngesifuba sakho. Donsa umoya ojulileyo, kancane kancane ngamakhala akho (ubala okuthathu) ubusuphefumulela **phandle kancane kancane ngomlomo** njengomuntu otshaya umlozwi ongela msindo (ubala kane). Uphefumulela phandle konke ukwesaba kwakho. Masikwenze futhi. Zwana inyawo zakho phansi loba umzimba wakho esitulweni, bese udonsa umoya ojulileyo, kancane kancane ungene ngamakhala akho (ubala kathathu) bese uphefumulela phandle **kancane kancane ngomlomo** (ubala kane). Gxila ekuphefumuleni kancane kancane. Wonke umuntu uzizwa njani?*

Umqhubi wohlelo uthi: *Kulenkondlo eyokukhululeka ekwesabeni engasisiza ngokwesaba okukhulu.*

Umqhubi wohlelo uzakhaya inkondlo elandelayo kanye bese wonke umuntu etsho ndawonye, etsho umzila omunye kabili. Ngomzila ngamunye dons a umoya kakhulu, ukhulume amabala, ubusunyakazisa izandla uphefumulela phandle.

Ukukhululeka Ekwesabeni

Kwesaba, ngithi HAMB A! (donsa umoya kakhulu, ukhulume amabala, ubusufuqela ukwesaba khatshana ngezandla zakho ngapha uphefumulela phandle)

Kukhathazeka, ngithi HAMB A! (donsa umoya kakhulu, ukhulume amabala, ubusufuqela ukukhathazeka khatshana ngezandla zakho ngapha uphefumulela phandle)

Kuthula, ngithi BUYA! (phefumulela phakathi kancane kancane, uzigona)

Thando, ngithi BUYA! (phefumulela phakathi kancane kancane, uzigona)

Isixwayiso: Linkondlo ingabhalwa ephepheni elikhulu (flip-chart paper) iphindaphindwe ngezikhathi ezitshiyeneyo emhlanganweni wokufundisana.

Umqhubi wohlelo uthi: *Uzizwanjani khathesi? (thola impendulo)*

Ephetha, umqhubi wohlelo uthi: *Ukwesaba okuncane kuhle ngoba kuyenza inhliziyoyethu itshaye masinya njalo kusenza siqaphele kakhulu. Kuyasenza sibone kuhle njalo sizwe ngendlela ebalulekileyo. Siyabe sesilungele ukwenza okuthile. Kodwa nxa silokwesaba okukhulu singakhubazeka. Laphoke sidinga ukwenza "Ukuphefumula okude" lokuthi siphinde inkondlo ethi Ukukhululeka Ekwesabeni.*

UHLELO 4 – UKUZIQUINISA



Kuwe mqhubi wohlelo: Siwulondoloza njani umbono olamandla, omuhle ngathi ngaphezu kwakho konke esihlangana lakho okungamndi empilweni zethu? Lesi sigaba sisinika ubuciko bokulawula lokugxilisa impilo yethu yemizwa kanye lokunciphisa ukwesaba kwethu njalo siqobe imigoqo esivimbelayo. Kudingeka ukuthi siqinisekise ukuthi imfanelo ezingaphansi ziba yingxeny yempilo yethu:

- **Ukuba ngowalapho:** Ukuzizwa uxhumene labanye abantu, awuwedwa
- **Ukubalethemba** ukuthi izinto zizabangcono, ngitsho langezikhathi zethu zobumnyama loba ezinzima kakhulu
- **Ukukholelwa** ukuthi sibalulekile, ukuziqakathekisa
- **Ukuqakathekiswa** ngabanye abantu
- **Ukuba lenjongo:** ukuba lomuzwa wokuthi ukuphila kwethu kulenjongo
- **Ukuzizwa uvikelekile:** ukuba lomuzwa wokuphepha

Umsebenzi 7: Tshintsha umsakazo nje!

Inhloso	Ukusiza abahlanganyeli ukuthi benanzelele ukuthi imicabango yethu iyathinta indlela esizizwa ngayo. Nxa singenelisa ukucabanga ngendlela emahluko, sizazizwa mahluko. Njalo indlela esizizwa ngayo iyathinta ukwenelisa kwethu ukuxazulula inkinga.		IMIZUZE ENGU- 40
----------------	---	---	---------------------------------

Isixwayiso: Nxa usebenza labantu abangakwazi umabonakude (TV) kumbe i-radio, zama ukuthola omunye umfanekiso “njengeluba elilamahlamvu amanengi”.

Umqhubi wohlelo uthi: *Siqeda kufunda indlela eyodwa esingazithulisa ngayo nxa sisesaba – ngokuphefumula okujulileyo, kancane kancane. Khathesi sizafunda ezinye indlela zokusebenzisa nxa sizizwa sizondile, sidanile kumbe sisesaba. Nxa umuntu ezama ukusenza sizwe kubi, yiziphi izinto esingazenza ukuthi sizwe ngcono? (thola impendulo. Isibonelo: ukuxhumana labanye, ukubalethemba lokuthi kuzolunga, ukuba yingxeny yeqembu elithile kumbe ukukhuleka) Zonke lezi yizinto ezinhle.*

Umqhubi wohlelo uyabuza:

- *Bangaki lapha abalabangane, abazali kumbe izihlobo ezingakulalela nxa ulokukhathazeka kumbe ukwesaba? Phakamisa isandla sakho*
- *Bangaki lapha abayingxeny yeqembu lapho abazizwa beyamukelekile? Kungabe kusenkonzweni, amaqembu esikolo (ama-club); kumbe amanye amaqembu. Phakamisa isandla sakho.*
- *Bangaki lapha abayenza okunye okuthile, njengokuhlabela, ukukhuleka, ukubhala inkondlo, kumbe ukuhamba phandle? Phakamisa isandla sakho.*
- *Bangaki lapha abalethemba lokuthi impilo yabo ingatshintsha ibengcono? Phakamisa isandla sakho*

Isixwayiso: Qaphela abantu abangaphakamisi izandla zabo. Kungadingeka ukuthi ubasize benanzelele amandla abo lezinto ngabo ezibenza beqakatheke. Nxa kulehleka labahlanganyeli abalethemba, kuvume lokhu njalo ugcizelele ukubaluleka kokufinyelela kubantu abaseduze kwakho ukuze uthole ukuxhaswa.

Umqhubi wohlelo uyaqhubeka: *Lapho umuntu othile ezama ukusenza sizizwe kubi, akufanelanga sizizwe ngaleyo ndlela. Singafunda ukutshintsha imizwa yethu. Nxa singenelisa ukutshintsha imicabango yethu, singatshintsha imizwa yethu. (Thola izibonelo kubahlanganyeli ukuthi bengatshintsha njani imizwa yabo lapho othile ebona bephatheke kubi – unganika isibonelo lesi nxa singaqanjwanga – uba sicabanga ukuthi asilutho, sizaphatheka kubi; uba sicabanga ukuthi sihlakaniphile lokuthi silokwenelisa okuthile, sizazizwa sijabule.) Njalo nxa singatshintsha imizwa yethu, singatshintsha ukucabanga kwethu. (Isibonelo: Uba sizizwa sijabulile njalo sijabulela ukuphila, sicabanga imicabango ejabulisayo.)*



- *Sonke sinjengama-radio labomabonakude (TV). Uyakwazi ukuthi yindaba ngisitshonjalo? (thola impendulo)*
- *Silemisakazo eminengi. Yiphi imisakazo oyithakazelelayo ku-radio kumbe kumabonakude? (thola impendulo)*
- *Ake sithi wena uyi-radio kumbe ungumabonakude, yiphi imisakazo olayo? (thola impendulo njalo usebenzise eminye yalemisakazo eqanjwe lapha kungxenywe elandelayo)*
- *Kulungile. Kulemisakazo eminengi esilayo.*

Isixwayiso: Abahlanganyeli bazabe bemile ngenyawo kuze kuphele umsebenzi lowu.

Asisukumeni- lingitshengise imsakazo le elandelayo

- *Umsakazo wokujabula (wonke umuntu kabobothoke)*
- *Umsakazo wokudana (wonke umuntu kabe lobuso obudanileyo)*
- *Umsakazo wokuzonda (wonke umuntu katshengise ubuso obuzondileyo)*
- *Umsakazo wezemidlalo (wonke umuntu katshengise umdlalo awukhwabithayo)*
- *Umsakazo wokwesaba (wonke umuntu katshengise ubuso obulokwesaba)*
- *Umsakazo wobumnandi lokuhleka (wonke umuntu kenze into ehlekisayo kumbe ejabulisayo)*
- *Umsakazo wokugida (wonke umuntu kagide)*
- *Umsakazo wothando (wonke umuntu kaqabule ingalo yakhe kumbe azange)*
- *Yiwuphi umsakazo owuthakazelela kulayo yonke imisakazo?*

Qaphela: Nxa abahlanganyeli bedinga usizo lokuthi umuzwa kuyini, batshengise ubuso obuthabileyo, ubuso obudanileyo, lobuso obusuthisekileyo (njengokuthi buyabe kunjani nxa umuntu eqeda kudla ukudla okumnandi)

Umqhubi wohlelo uthi: *Ake sithi uwedwa endlini lapho okule-radio kumbe umabonakude njalo kulomsakazo ongawuthandiyo. Ungenzani? Tshintsha umsakazo nje! Ungenza okufanayo engqondweni yakho lasemcabangweni yakho.*

Umqhubi wohlelo uthi: *Ngaso sonke isikhathi singatshintsha umsakazo sizizwa mahluko! Ngakhoke, asikwenze khathesi. Tshintsha umsakazo nje!* (Vumela bonke abahlanganyeli benze umnyakazo wokutshintsha umsakazo, isibonelo, ukunyakazisa amahlombe ngapha uthatha inyathelo elikhulu usiya ohlangothini olulodwa). *Ukuwuphi umsakazo khathesi?* (thola impendulo kafitshane)

Cabanga ulutho oluthile olukwenza uzizwe ujabula. Ulubone engqondweni yakho. Uluzwe ngezandla zakho. Uluzwe ngendlebe. Esikucabangayo kuyatshintsha indlela esizizwa ngayo. Ngakhoke, Tshintsha umsakazo nje! Ngumsakazo wenjabulo!

Umqhubi wohlelo uthi: *Ngakhoke nxa umsakazo wokuzonda kumbe owokwesaba usiza, zitshele ukuthi, “Yiyo indlela engizizwa ngayo khathesi. Ngizondile khathesi. Kumbe ngiyesaba khathesi. Kodwa ngiyafisa na ukubambelela kumizwa leyi okwesikhathi eside? Kuyanginceda na?” Ngakhoke, nxa sesilungele ukudedela imizwa leyi, siyenzanani?* (thola impendulo) **Tshintsha umsakazo nje!** (Wonke umuntu kayenze umnyakazo).



Isixwayiso: Nxa abahlanganyeli bengenelisi ukuzikhethela umsakazo, ubabuze: Ngumsakazo wokugida, ngumsakazo wothando, kumbe ngumsakazo wenjabulo? Ngitshengisa.

Umqhubi wohlelo uthi: *Kuleyinye indlela yokutshintsha umsakazo. Thatha umoya ojulileyo kathathu bese uphefumulela phandle kancane kancane ngapho usithi “haaah”. Asikwenze lokho. (Umqhubi wohlelo uyabakhokhela ekuthatheni umoya kathathu besewukhipha ngomsindo esithi “haaah”) Cabanga ngesikhathi owazizwa khona ulokuthula uhlalisekile. Mhlawumbe wawulomngane wakho omthandayo, kumbe ubukele umabonakude, kumbe ulalele ingoma ezimnandi. Phinda futhi njalo, thatha umoya kancane kancane ubusuphefumulela phandle kancane kancane, usithi “haaah”. Ngiyakwamukela kumsakazo wokuhlaliseka. (Wonke umuntu engahlala phansi)*

Ingxoxo: Umqhubi wohlelo kakhokhele ingxoxo emfitshane mayelana lokuthi abantu bazizwa njani ngemva komsebenzi lowu. Ngemva kwalokhu umqhubi wohlelo kabuze wonke umuntu ukuthi bazasebenzisa njani ubuciko lobu empilweni yabo.

Ukugxilisa ingxoxo, umqhubi wohlelo uyabuza: *Ungangitshela ngesikhathi lapho owazizwa khona uzondile wenza isinqumo sokudedela inzondo utshintshe umsakazo? Ungangitshela ngesikhathi lapho owawuzizwa khona usesaba wacabanga ukukudedela utshintshe umsakazo?*

Nxa umqhubi wohlelo kumbe abahlanganyeli abambalwa belendatshana emayelana lokudedela imizwa eyayibalimaza, bengaxoxa ngayo.

Isibonelo: *U-Stepmother kaSara wayehlala emenza ukuthi enze imisebenzi eminengi kakhulu yasendlini – ukwedlula le eyayisenziwa ngabakhe abantwana. Lokhu kwamthukuthelisa kakhulu uSara njalo wayecabanga ngakho izikhathi zonke.*

Ngelinye ilanga, uSara wananzelela ukuthi uyakukhwabitha ukuhlabela. “Mhlawumbe,” ecabanga, “Ngingaba ngumhlabeleli olodumo ngingakhula.” Ngakho uSara wanquma ukuthi uzabe efunda ukuhlabela ngapha esenza imisebenzi yakhe yangekhaya. Wayengenelisi ukuthi ahlabelele phezulu nsuku zonke, kodwa lapho ayengenelisi khona wayecabanga ngengoma azithandayo. Wayephinda njalo ayenze imisebenze yokuphefumula kancane kancane izikhathi ezinengi. USara kwakusadingeka ukuthi enze imisebenzi yakhe yangekhaya, kodwa wayesezizwa ngcono ngakho. Wayengasathukutheli ngakho ngaso sonke isikhathi futhi lokhu kwamsiza ukuba agxilise ingqondo lapho esesikolweni. Watshintsha indlela amelana lesimo esithile, noma isimo sangekhaya singatshintshanga.

Umqhubi wohlelo kacele wonke umuntu asukume

Ngamafitshane umqhubi wohlelo uthi: *Kuvamile ukuthi asikwazi ukuguqula isimo sethu, kodwa singatshintsha indlela esisabela ngayo esimweni. **Singatshintsha umsakazo nje!*** (umqhubi wohlelo kayenze ukunyakaza labahlanganyeli bonke).





Umsebenzi 8: Indawo ephephileyo phakathi kwethu

Inhloso

Ukutshengisa abahlanyeli ukuthi nxa sisizwa sisindwa yimpilo kulendawo ephephileyo phakathi kwethu esingaya kuyo



IMIZU
ENGU-
20

Umqhubi wohlelo uthi: *Sesifunde indlela esingaba lokuthula emoyeni ngokuphefumula. Njalo sesifundile ukuthi singatshintsha njani umsakazo nxa sesidiniwe ukuzizwa sizondile, sidanile kumbe sethukile. Khathesi sizafunda ukuthi “kulendawo ephephileyo” esingahamba khona ephakathi kwethu. Indawo lapho esithola khona ukuthula lokududuzeka loba impilo ingaba nzima njani.*



Kuwe mqhubi wohlelo: Bala indatshana yokubona ngeso lenqondo engaphansi. Cela umhlanganyeli wonke ukuthi avale amehlo akhe besephambanisa ingalo, ebeka izandla kwelinye ihlombe (isandla senxele ehlo mbe lokudla; isandla sokudla ehlo mbe lenxele). Ngesikhathi ubala indaba cela wonke umuntu ukuthi azimbambathe ihlombe ngalinye ngesandla sinye. Lokhu kwaziwa ngokuthi “butterfly hug” kumbe ukwanga kwevevane ngoba izandla zakho zithinta amahlombe akho njengamaphiko eevane futhi ngesikhathi esifanayo uzigona kakhulu (khangela isithombe sokwanga kwevevane ku **khasi 28**) Tshela abahlanganyeli ukuthi kufanele beqhubeka bembambatha amahlombe abo umsebenzi lo uze uphele. Inhloso yokwanga kwevevane lokumbambatha amahlombe yikuthi ingqondo zenelise ukuzwa ngokujulileyo amazwi omsebenzi wendawo ephephileyo.

Umqhubi wohlelo kumele ebale ngelizwi elipholileyo elingajahanga ukuze abahlanganyeli bakhululeke. Mana mbijana phakathi kwemitsho ukuze uqinisekise ukuthi amazwi ayazwisiseka.

Umqhubi wohlelo uthi: *Vala amehlo. Phefumula kathathu ngendlela ejulileyo. Zizwe ukhululekile. Cabanga NGENDAWO EPHEPHILEYO, indawo yangempela ongayo kuyo. Kungaba ngaphakathi loba ngaphandle. Nxa ungenelisi ukucabanga indawo ephephileyo yangempela, cabanga indawo yokuzibumbela. Le yindawo lapho ozizwa kuhle kakhulu njalo ukhululekile. Umile khathesi endaweni leyi ephephileyo.*

- Zwana ukuthi umoya wendawo leyi unuka njani. Kuyini okunukelelayo? Kungabe kubutshani kumbe ukunukelela kokudla okuphekwayo kumbe eyinye into.
- Zwana umhlabathi kumbe isamende esingaphansi kwenyawo zakho.
- Zwana imisindo ekhona lapho – izihlahla, inyoni, amazwi abantu, izimota ezidlulayo, kumbe eminye imisindo.
- Nambitha umoya olapho – unambitheka kamnandi emlonyeni wakho.
- Gcina amehlo akho evaliwe. Engqondweni yakho, **Khangela** lindawo ephephileyo, ephumuzayo. Khangela phambi kwakho. Khangela ohlangothini ngalunye. Ubonani?

Engqondweni yakho, jabulela lindawo. Zwana ukuthi indawo leyi ilokuthula okungakanani. Qaphela noma yiphi imizwa olayo emzimbeni wakho – uzizwa ukhululekile na? Nxa ulobuhlungu noma ukucindezeleka kuloba yiphi ingxenye yomzimba wakho, gxila kulokhu okwesikhatshana uphefumula okujulileyo. Ngokuphefumula ngakunye uzizwa ukhululeka ngokwengeziweyo. Le yindawo yakho EPHEPHILEYO. Ungaya lapho noma nini lapho othanda khona ngokuvala amehlo uphefumule kathathu ngendlela ejulileyo. Ngokuphefumula ngakunye zizwe uphumule kakhulu. Ukuthi uphumule kangakanani, wenelisekile njalo ulokuthula. Kujabulele lokhu. (Linda umzuzu owodwa noma emibili, uvumele wonke umuntu azijabulele)



Kuwe mqhubi wohlelo: Khumbuza abahlanganyeli ukuthi lapho bezizwa bengaphathekanga kuhle kumbe nxa befuna ukuzwa kuhle bengazigona okovevane.

Khathesi sekuyisikhathi sokuphenduka endlini leyi. Ngizabala ngiyefika kokuthathu ubusuvula amehlo akho. Kunye – uzwa amandla emzimbeni wakho. Kubili – uzabuyela endaweni leyi ephephileyo noma nini lapho othanda khona. Kuthathu – vula amehlo, uzizwa uphapheme, uqaphele, njalo uvuselelwe.

Ingxoxo: Kuzwakala njani ukuba lendawo ephephileyo futhi ephumuzayo ngaphakathi kwakho?

Isixwayiso: Ungaceli abantwana ukuthi baveze indawo yabo ephephileyo; lokhu kuyimfihlo yabo.

Umsebenzi 9: Izikweya ezine⁸

Inhloso	Ukuze abahlanganyeli babekwazi ukuthola indlela yokukhulula ukuhlupheka engasetshenziswa njengoba kudingeka.		
Izinto ezidingekayo	- Amapheni, amapenseli kumbe amakhrayoni - Amaphepha (A4 size), elilodwa kumhlanyeli munye.		IMIZUZO ENGU-60

Isixwayiso: Lingasebenzisi ama-marker kulumsebenzi ngoba ungadweba ngemarker iyathutshela lakwelinye icele lapho okufanele kudwetshwe omunye umfanekiso.




Kuwe mqhubi wohlelo: Noma lumsebenzi ungahle uvuse eminye imizwa elamandla kubahlanganyeli, ekupheleni kwalumsebenzi abantwana bazozizwa ngcono, bethole ukuhlupheka okunciphileyo emicabangweni lasemizweni yabo. Bonke abantwana bazacelwa ukuthi betshaye ingungu (esitulweni, etafuleni, phansi, kumbe emdulwini) lapho bekhangele imifanekiso yabo. Lokhu kungenxa yokuthi ukutshaya ingungu kusiza ingqondo zethu zicabange ngendlela ejulileyo lokuthi ukwesaba kwethu kunciphe masinya.

Phana umhlanganyeli munye iphepha lepheni kumbe ipenseli. Ubacele ukuthi badwebwe indawo yabo ephephileyo – loba uphawu olubakhumbuza leyo ndawo – kugcwale ikhasi lonke. Gcizelela ukuthi kumele basebenzise lonke ikhasi, kodwa eceleni elilodwa kuphela, ngoba elinye icele lizasetshenziselwa into etshiyeneyo.

Umqhubi wohlelo uthi: Cabanga **indawo yakho ephephileyo**. Dweba indawo yakho ephephileyo, ugcwalisa ikhasi lonke kucele elilodwa. Khangela umfanekiso wakho, utshaye ingungu mbijana mbijana (**tshaya ingungu mbijana okwamatshumi amabili**) Uzizwa njani?

Icele lokuqala – Indawo ephephileyo (lesi yisibonelo)



Umfanekiso lo ubolekiwe ku www.aperfectworld.org


8. Lokhu kubolekwe ku Jarero I., Artigas, L., Hartung, J. (2006) 'EMDR integrative group treatment protocol: A post-disaster trauma intervention for children and adults'. Traumatology, 12, 121-129

Tshela abantwana ukuthi baphendulele iphepha labo beye kwelinye icele. Batshele ukuthi bagoqe iphepha libengamakota, ukuze kube lezikweya ezine. Kababhale inombolo yesikweya ngasinye – Izinombolo 1 lo 2 phezulu, izinombolo 3 lo 4 phansi. Batshele ukuthi bazadweba okuthile okwesabekayo kulelicele lekhasi, kodwa kufanele balalele futhi baqaphelisise ukuze balandele imilayezo yakho.

Umqhubi wohlelo uthi: *Cabanga uma ungathatha noma yini ekwesabisayo uyenze ibencane okokuthi ayisakwethusi. Yilokhu esizakufunda khathesi.*

1. **Umqhubi wohlelo uthi:** *Khathesi phendulela iphepha lakho, **kusikweya sokuqala** esibhalwe inombolo 1, dweba inkumbulo ekwethusayo kumbe loba yini ekwethusayo. Uba ungakwazi, dweba isilwane esethusayo esilamazinyo abukhali. Dweba umfanekiso wakho ubemkhulu, ugcwalise isikweya sonke. Khangela isithombe sakho ngapha utshaya ingungu kancane kancane. Ngizakutshela ukuthi mana. (Ngaso sonke isikhathi, batshaya kancane izikhathi ezingamatshumi amabili) Mana mbijana. Uzizwa njani? Ukuzwa ngaphi emzimbeni wakho? Khangela umfanekiso. Tshaya ingungu kancane kancane futhi. Kuhle. (impendulo ezimbalwa ziyenela embuzweni munye.)*
2. **Kusikweya sesibili,** dweba umfanekiso ofanayo, kodwa ubemncane kulowokuqala, ubengangesithupha sakho kusukela phansi kusiyaphezulu. Khangela isithombe sakho. Tshaya ingungu kancane kancane, uqhubeka ukukhangela isithombe. Mana mbijana. Umzimba wakho uzwa njani khathesi? Kuhle. Asitshaye ingungu futhi.
3. **Kusikweya sesithathu,** dweba lokho okwesabayo, kube kuncane futhi njalo, kube ngangozipho lwakho. Khangela umfanekiso wakhona. Tshaya ingungu kancane kancane. Mana mbijana. Umzimba wakho uzizwa njani khathesi? Nanzelela indlela ozizwa ngcono ngayo nxa ulokhe udweba.
4. **Kusikweya sesine,** dweba umfanekiso njengechatha (.). Tshaya ingungu kancane kancane. Mana. Phefumula kakhulu phakathi ukhiphe umoya mbijana mbijana. Umzimba wakho uzizwa njani khathesi? Kulomahluko kulasekuqaleni?
5. **Khathesi asibuyele emfanekisweni wokuqala owudwebileyo **owendawo yakho ephephileyo**** (kwelinye icele lephepha). Khangela umfanekiso lowu. Tshaya ingungu mbijana mbijana. Vala amehlo akho. Phefumula kakhulu phakathi ukhiphe umoya mbijana mbijana. Lalela imisindo eseceleni kwakho. Lalela ukuphefumula kwakho uzwe futhi indlela umzimba wakho osekulwe yisitulo ohlezi kiso. Uyibone indawo yakho ephephileyo engqondweni yakho. Thinta izinto ezisendaweni yakho ephephileyo. Phefumula ujule. Phinda njalo uthinte izinto ezisendaweni yakho ephephileyo. Nxa usuqedile, phefumula okujulileyo futhi njalo. Bese uvula amehlo akho mbijana mbijana.

Icele lesibili – Izithombe ezine ezilandelanayo zento eyesabekayo. (lesi yisibonelo)



Ingxoxo: Umqhubi wohlelo uyabuza abantwana ukuthi sebezizwa njani khathesi uba beqathanisa lalapho beqala lumsebenzi. Umqhubi wohlelo kancome abantwana ngokubakwazi ululawula lokhu okubethusayo. Umqhubi wohlelo katshele abantwana ukuthi bengathatha izikweya zabo ezine behambe lazo ngekhaya.



Khumbuza abantwana ukuthi nxa bezizwa bedabukile, bethukuthele noma beyethukile ngekhaya noma esikolweni, bayanelisa ukwenza **izikweya ezine** ukuze bezwe ngcono.

Umsebenzi 10: Intaba, Amanzi, Umoya, Umlilo			
Inhloso	Ukuncedisa abahlanganyeli ukuthi bexhumane lemvelo besebenzise amandla abo ukuphendula imizwa elamandla lezimo ezinzima.		IMIZU- ZU ENGU- 60



Kuwe mqhubi wohlelo: Kulemikhuba eminengu yenkolo leyomoya edonsa emvelweni ukuze kutholakale impilo lokwelapha. Lumsebenzi uncedisa abantwana ukuthi basebenzise amandla ezinto ezitshiyeneyo zemvelo ukuze bajulise ukuxhumana kwabo lamandla aphakathi kwabo, lokuthi bethuthukise amasu atshiyeneyo okubhekana lezimo ezihlukahlukene. Ekucineni kwalumsebenzi qinisekisa ukuthi wonke umuntu uyazwisisa umehluko phakathi kwamandla aqinileyo lathambileyo.

Ingxenye 1 – Ingxoxo (imizuzu engu-10)

Qaphela: Abahlanganyeli bazazibona njengalezi zingxenye ezehlukeneyo zemvelo. Bazanyakazisa imizimba yabo njengentaba, amanzi, umlilo, lomoya. Ngokwesibonelo, lapho becelwa ukuthi “babe” njengentaba, kufanele benze futhi bezwe ukuthi kunjani ukuba yintaba.

Umqhubi wohlelo uthi: Nxa sisesimweni esinzima, silesixazululo kulokhu okusizungezileyo – **yintaba, amanzi, umoya, lomlilo.**

1. Iba njenge **ntaba** – Mana njenge ntaba. Akulanto engakulimaza. Ulamandla kakhulu. Hamba njengentaba. Kuyenzakalani phakathi kwakho nxa ungaba yintaba? (abantu kababelane ukuthi bazizwe njani)
2. Bese sisiba ng**amanzi** – Athambile futhi ayageleza, ayanelisa ukudlula noma yini. Hamba hamba endlini njengamanzi. Uyenelisa ukuzungeza noma wuphi umgoqo. Khona ke ungathula futhi ume mpo njengamanzi omthombo. Mana mpo njengechibi lamanzi ngosuku olungelamoya. Kwenzakalani phakathi kwakho nxa ungaba ngamanzi (thola impendulo)
3. Bese sisiba ng**umoya** – Ulula njalo uyashesha. Uhamba njalo. Akula okungakuvimba. Hamba njengomoya. Singacabanga njengomoya, sivumele imicabango yethu iye kunoma yiphi indlela esiyifisayo. (Ongakukhetha: Hlalani phandle libukele ukunyikinyeka kwezihlahla lamayezi efuqwa ngumoya.) Ungabe uzizwa uyehlukeneyo njani nxa ungumoya kulanxa uyintaba? (thola impendulo)
4. Bese sisiba ng**umlilo** – Ulamandla kakhulu. Uyenelisa ukubhidliza citshe yonke into. Ulamandla amsulwa. Njengelanga litshisa umhlaba. Zibone njengomentshisi ovuthayo. (Ongakukhetha: Klwebha umentshisi. Bese ukhanyisa ikhandlela ucele bonke abahlanganyeli ukuthi balibone.) Zibone unjengekhandlela elikhanyisiweyo. Zibone unjengomlilo omkhulu. Lomlilo ungaphinda ulethe ukukhanya ukuze abantu babone. Kuzwakala njani kuwe lokhu?
5. Bese ubuyela entabeni. Ulamandla, umile uqinile, ubukele.

Umqhubi wohlelo uthi: Kwenzakalani phakathi kwakho nxa usiba ngokunye kwalezizinto – intaba, amanzi, umoya, umlilo? Yikuphi okuthanda kakhulu?



Ingxenywe 2: Umdlalo (imizuzu engu-40)

Umqhubi wohlelo wehlukanisa abantu babe ngamaqembu amane. Iqembu ngalinye lizaphiwa into eyodwa (intaba, amanzi, umoya, umlilo) ukuze basebenzise lento ekulingiseni isimo elizikhethela yona kumbe enye yalezi eziphiweyo phansi. Abahlanganyeli bazaba lemisuzo engu-10 yokulungiselela umdlalo wabo kanye lemisuzo engu3 kusiya ku4 yokwethula umdlalo yabo. Abaqhubi bohlelo kumele bagcizelele ukuthi umdlalo wabahlanganyeli kufanele ube mfitshane.

- *Uhlukunyezwa yiziqhwaga esikolo. (Intaba)*
- *Isimo thize empilweni yakho. (Amanzi)*
- *Ubabakho ubuya endlini edakiwe njalo ukuzondele kakhulu. (Umoya)*
- *Kulomuntu ozama ukwephula isivalo egqekeze endlini yangakini. (Umlilo)*

Ekucineni kwemidlalo, **umqhubi wohlelo uyabuza:** *Kuyini esikufundileyo ekubukeleni imidlalo le?*



Kuwe mqhubi wohlelo: Esebenzisa izibonelo ezivela emidlalweni, umqhubi wohlelo kachasise ukuthi akufanelanga ubalekele zonke izinto ezikwethusayo. Uba uhlanganyela njalo umelana lezimo ezikwethusayo, njengoba abantu bebesenza emidlalweni yabo, ungenelisa ukubhekana lokwesaba kwakho ngendlela engcono.

Ingxenywe 3: Amandla aqinileyo lamandla athambileyo (imizuzu engu-10)

Umqhubi wohlelo uthi: *Kwesinye isikhathi kuhle ukuba ngamanzi, kodwa kwesinye kuhle ukuba yintaba, kwezinye izikhathi umlilo kumbe umoya. Izimo ezitshiyeneyo zidinga izenzo ezehlukeneyo. Kwesinye isikhathi siyadinga ukuthi siphendule ngamandla wonke esilawo njengomlilo kumbe njengentaba. Ukuba njengomlilo kumbe intaba ngamandla aqinileyo. Umuntu usebenzisa amandla aqinileyo nxa emelana lokungalingani, kumbe nxa othile ezama ukuphoqeleta okuthile okubi kuye.*

Isixwayiso (Ongakukhetha): *Umqhubi wohlelo engatshengisa amandla aqinileyo ngokufuqa umuntu ozama ukumelana lamandla akhe. Ungafuqi umuntu kakhulu ukuthi eze ewele phansi.*

Umqhubi wohlelo uyaqhubeka: *Kwesinye isikhakhathi kudingeka sibhode ngale kothile, sithathe indlela eyehlukeneyo, noma sibalekele isimo. Sifana lomoya ongelakubanjwa. Sifana lamanzi abhoda ngale kwedwala. Asiphikisani lomunye umuntu. Sihamba labo. Siyazinikezela kodwa silokhu sigeleza. Ukubangamanzi noma umoya **kungamandla athambileyo.***

Isixwayiso (Ongakukhetha): Umqhubi wohlelo engatshengisa amandla athambileyo ngokucela ukuthi umuntu emfuqe. Esibonelweni lesi kumele lomuntu engasebenzisi amandla akhe onke. Esikhundleni sokuthi emelane kumbe ephikisane lomuntu lowu, umqhubi wohlelo, uzaphuma mbijana endleleni ebesedonsa ngesineke umuntu lapho afuqela khona. Umuntu lo ucina esehamba lomqhubi wohlelo.

Umqhubi wohlelo uyabuza: *Yiziphi izibonelo zokusebenzisa amandla aqinileyo empilweni yakho? (Isibonelo: Ukuphendula ngamandla afanayo kumbe angaphezulu, ukusebenzisa amazwi kumbe amandla omzimba, ekukhathazweni ngomunye umuntu.) Yiziphi izibonelo zamandla abuthakathaka empilweni yakho? (Isibonelo: Ukuxoxisana, ukukhuluma kuhle lomuntu othukutheleyo). Kokubili amandla aqinileyo lathambileyo kubalulekile; kusiya ngokuthi isimo sakhona sidinga nhlobo bani yamandla.*



Umsebenzi 11: Akuso mlandu wami!

Inhloso	Ukuze abahlanganyeli babekwazi lapho abangelaphutha khona lokubakhulula ekuzisoleni.		
Izinto ezidingekayo	- Amaphepha (A4 size) - I-tape - Ama-marker		IMIZUZO ENGU- 40



Kuwe mqhubi wohlelo: Singakha amandla ethu wokumelana lezimo ezinzima zempilo, kodwa kubalulekile futhi ukuthi abantwana bengabekwa icala ngezinto ezingasophutha labo. Ngenxa yokuthi abantwana abasesimweni esibuthakathaka emulini lasemphakathini, bengacina kuyibo abasolwayo lalapho iphutha likweyinye indawo. Icala abantwana ababalalo nxa besolwa ngokungafanelanga lilimaza ukuzikhangela kwabo njengabantu ababalulekileyo. (Khangela isithombe **kukhasi 35**)

- Kulomdlalo abantwana bazagijimela eceleni elilodwa lendlu nxa impendulo yabo kungu "Yebo" kumbe eceleni eliphambeneyo lendlu nxa impendulo yabo ingu "Hatshi". Ngempendulo ngayinye, uzabuza abantwana ukuthi kungani bethe "Yebo" lokuthi kungani bethe "Hatshi" ukuze usize bonke abantwana bebone ngokucacileyo ukuthi balecala nini lalapho abangelacala khona.
- Umqhubi wohlelo uzabhala "YEBO, NGUMLANDU WAMI" ngamabala amakhulu ephepheni (A4) ebeselinamathisela eceleni elilodwa lendlu kwenzela ukuthi wonke umuntu abone. Kwelinye iphepha (A4) umqhubi wohlelo kabhale ukuthi "HATSHI, AKUSO MLANDU WAMI" anamathisele iphepha lakhona kwelinye icele lendlu.
- Umqhubi wohlelo kakhethe imitsho eyisitshiyagalombili, emine kusigaba A leminyane emine kusigaba B. **Hlanganisa imitsho evela kusigaba A lo B ukuze umdlalo uthakazelelwe ngabahlanganyeli.** Nxa kulesikhathi ungakhetha eminye imitsho yokungezelela.

Isigaba A: Ngumlandu wakho na nxa...

Imitsho engaphansi yizibonelo zalapho abantwana **abangelaphutha** khona:

- Umalumakho ulimele enyaweni usekuthethisa?
- Ubaba wakho ukutshayela ukuthi ulethe umbiko wesikolo ongemuhle, noma uzame ubungcono bakho bonke ezifundweni?
- Kulempi elizweni lakho njalo kube lendingeko yokuthi ubaleke?
- Abazali bakho bayathethisana?
- Uyenze okubi usasengumntwana ngenxa yokuthi amasotsha afika ngakini ekwethusela ngokukubulala uma ungabanga yingxenyane yabo?
